**ISAPHLUKO 11  
OSONKONTILEKA ABASUSA IMFUCUZA ABAZIMELE**

- 44. Osonkontileka abasusa imfucuza abazimele

**ISAPHLUKO 12**  
**UKUQINISWA KOMTHETHO**

45. Ukunqwabelana kwemfucuza
46. Imfucuza edinga ukunakekelwa okukhethekile
47. Ukufinyelela ezakhiweni
48. Ukuthuthwa kwemfucuza

**ISAPHLUKO 13**  
**AMACALA NEZINHLAWULO**

49. Ukulahla ngokungemthetho: okwejwayelekile
50. Ukulahla ngokungemthetho emhlabeni ozimele
51. Ukulahla ngokungemthetho: inhlabamkhosi
52. Ukulahla ngokungemthetho: ukudalula nokuhlaza
53. Amacala
54. Izinhlawulo

**ISAPHLUKO 14**  
**IZIHLINZEKO EZIYINGXUBEVANGE**

55. Ubunikazi bemfucuza
56. Ukudluliselwa kwamandla
57. Ukudluliswa kwezinqumo
58. Ukuchithwa kwemithetho nokuhambisana nayo
59. Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza komthetho

**USHEDULI 1: IMITHETHO ECHITHWAYO****ISAPHLUKO 1  
UKUHUNYUSHWA****Izincazelo**

1. Kulo Mthetho KaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile –

**“izindlu zokuhlala”** kushiwo izindlu zokuhlala njengoba zichazwe eMthethweni kaMasipala weZindlu zokuHlala;

**“umsebenzi ogunyaziwe”** kushiwo umuntu ogunyaziwe ukusebenzisa izihlinzeko zalo Mthetho, kubandakanya phakathi kokunye –

(a) abasebenzi ababhekele ukuthula njengoba kubekiwe esigabeni 334 soMthetho Wenqubo Yokubhekana Nobugebengu ka-1977 (uMthetho No. 52 ka-1977);

(b) amaphoyisa kaMasipala njengoba kubekiwe eMthethweni Wezamaphoyisa WaseNingizimu Afrika ka-1995 (uMthetho No. 68 ka-1995); kanye

(c) nabasebenzi, ama-ejenti, izithunywa, nosonkontileka bakaMasipala abagunyazwe ngendlela efanele wuMasipala ngalokhu: Kuncike ekutheni ngokwezinhloso zokusesha nokudla impahla, uma lowo muntu engelona iphoyisa, lowo muntu kumele aphekezelwe yiphoyisa.

**“usonkontileka osusa imfucuzo ogunyaziwe”** kushiwo –

(a) usonkontileka osusa imfucuzo ozimele onesivumelwano noMasipala ukuba ahlinzeke imisebenzi yokususa imfucuzo egameni likaMasipala; noma

(b) usonkontileka osusa imfucuzo ozimele onemvume kaMasipala emgunyaza ukuba asayine isivumelwano ngqo nabadali bemfucuzo ukuze abahlinzeke ngemisebenzi yokususa imfucuzo bamkhokhele ngokwabo.

**“ibhishi”** kushiwo isiqephu somhlaba esingaphezu futhi esigudle ugu lolwandle esihlanganisa notshani obusonqenqemeni (uma bukhona);

**“indawo yokulala nesidlo sasekuseni”** kushiwo indlu yokuhlala, njengoba kuchazwe eMthethweni kaMasipala weziNdlu zokuHlala;

**“imfucuzo yokwakha”** kushiwo nayiphi imfucuzo edaleke ngenkathi –

(a) kumbiwa; noma

(b) kwakhiwa, kulungiswa noma kudilizwa noma isiphi isakhiwo, kubandakanya izinsalela zokubhidliza, umhlabathi, utshani namatshe okukhishwe ngenkathi kwakhiwa;

**“isiqukathi semfucuzo eyinqwaba”** kushiwo isiqukathi esakhelwe ukugcina okwesikhashana imfucuzo, esinesisindo esingaphezu kwamamitha amabili ( $2m^3$ ) kodwa angaphansi kwamamitha ayisithupha ( $6m^3$ ), kungaba esinamasondo noma esingenawo, futhi esihambisana –

(a) nezimfuneko zabakwa-SABS ezingunombolo 493-1973: ezimayelana nemigqomo yemfucuzo yensimbi; noma

(b) nezimfuneko zabakwa-SABS ezingunombolo 1310-1980: ezimayelana nemigqomo yemfucuzo eyakhiwe ngokusapulastiki;

njengoba zashicilelwa eSazisweni Sikawonkewonke No. 463 sangomhlaka 9 kuJulayi 1982;

**“imfucuzo eyinqwaba”** kushiwo imfucuzo yasekhaya noma yebhizinisi okuthi, ngenxa yokusinda, yokuma, kasayizi noma yobuningi bayo, okungeke kube lula –

(a) ukuba igcinwe esiqukathini semfucuzo; noma

(b) ukuba isuswe ngokohlelo olwejwayelekile lukaMasipala lokususwa kwemfucuzo yasekhaya noma yamabhizinisi;

**“imfucuzo yebhizinisi”** kushiwo imfucuzo edaleke esakhiweni esisetshenziselwa izinhloso okungezona zokuhlala futhi ihlanganisa nemfucuzo edalwa ngabadayisi basemgwaqeni kanye nemfucuzo edaleka esakhiweni sokuhlala lapho kwenzelwa khona ibhizinisi, akukhathaleki noma ngabe leyo misebenzi isemthethweni noma cha, kepha ayikufaki lokhu -

(a) imfucuzo eyinqwaba;

(b) imfucuzo yokwakha;

(c) imfucuzo enobungozi;

- (d) imfucuza yezimboni;
- (e) imfucuza yezempilo;
- (f) imfucuza eguqulekayo iphinde isebenze; kanye
- (g) nemfucuza yezimboni ekhethekile.

**“imfucuza yasekhaya”** kushiwo imfucuza edaleka esakhiweni okuhlalwa kuso, kubalwa umanyolo noma umquba wanoma yisiphi isilwane noma inyoni esifuyiwe ekhaya, kodwa hhayi lokhu okulandelayo –

- (a) isihlabathi;
- (b) umhlaba;
- (c) okusaketshezi;
- (d) imfucuza yasengadini;
- (e) isidumbu sesilwane esifile; kanye
- (f) nemfucuza yasekhaya ekhethekile.

**“ukulahla ngokungemthetho”** kushiwo ukulahla imfucuza ngendlela engavumelekile ngokwalo Mthetho KaMasipala futhi kubandakanya, ngale kokufaka umkhawulo ekuxubeni kwalokhu osekushiwo, ukuthulula, ukwethula, ukwehlisa, ukuchitha, ukudedela noma ukugcina imfucuza nakuyiphi indawo, kungaba eyomphakathi noma ezimele, kubandakanya kodwa kungagcini lapho –

- (a) indawo yomphakathi;
- (b) umgwaqo womphakathi;
- (c) amapayipi endle noma amanzi emvula;
- (d) umhlaba ongasebenzi;
- (e) ibhishi noma unqenqema lolwandle; kanye
- (f) nomthombo wamanzi.

**“umcimbi”** kushiwo namuphi umcimbi wezemidlalo, ezobumnandi, ezamasiko, ezenkolo noma omunye umcimbi osingathwe ngaphansi kukaMasipala;

**“umhleli womcimbi”** kushiwo namuphi umuntu onezinhlelo, owengamele, osingethe, ophethe noma onamalungelo oxhaso mayelana nomcimbi, noma ngayiphi indlela, olawula noma onentshisekelo ekusingathweni komcimbi, njengoba kuchaziwe eMthethweni Wezokuphepha Emicimbini Yezemidlalo Neyokungcebeleka, ka-2010 (uMthetho No. 2 ka-2010);

**“imfucuza yomcimbi”** kushiwo imfucuza edalwe noma edaleke ngenkathi kunomcimbi noma nakuphi okuhlobene nomcimbi, akukhathalekile ukuthi lowo mcimbi wenzeka esakhiweni somuntu sangasese noma esakhiweni somphakathi;

**“imfucuza yasengadini”** kushiwo imfucuza evundile edaleka ngenkathi kusetshenzwa ezaleni lanoma yisiphi isakhiwo, njengalokhu –

- (a) utshani obunqunyiwe;
- (b) amaqabunga;
- (c) izitshalo;
- (d) izimbali;
- (e) ukhula; kanye
- (f) nezihlahla ezinqanyuliwe, uheshi noma ucingo (inqobo nje uma kungenamagatsha anokuvuleka okwedlula amamilimitha angama-40);

**“indawo yemfucuza yasengadini”** kushiwo indawo ehlinzekwe wuMasipala ukuba kulahlwe noma kugcinwe kuyo imfucuza yasengadini okwesikhashana ngokubona kukaMasipala;

**“umuzi wokusingatha izivakashi”** kushiwo indawo yokuhlalisa izivakashi njengoba kuchaziwe eMthethweni KaMasipala omayelana nendawo yokuhlalisa izivakashi;

**“imfucuza enobungozi”** kushiwo noma iyiphi imfucuza equkethe okuphilayo noma okungaphili okungathi ngenxa yomumo wakho, amakhemikhali akho noma ubuthi obukuyo kube nomthelela owubungozi empilweni nakwindalo njengoba kuchaziwe eMthethweni Wokwenganyelwa Kwemvelo Kazwelonke Omayelana Nemfucuza (uMthetho No. 59 ka-2008);

**“iNhloko Yomnyango”** kushiwo umuntu –

- (a) oqokwe njengenhloko yomnyango obhekele ukuhlanzeka nezindaba eziphathelele nemfucuza eqinile kuMasipala izikhathi ngezikhathi;
- (b) ogunyazwe ukuba enze lowo msebenzi;
- (c) nasiphi esinye isikhulu sikaMasipala esiphakanyiswe nguwo uMasipala ukuba senze ingxenye noma yonke le misebenzi yeNhloko Yomnyango ngaphansi kwalo Mthetho KaMasipala ngokuhambisana nalokho kuphakanyiswa;

“**imfucuz** **yezempilo**” kushiwo imfucuz edaleke esibhedlela, emtholampilo, endaweni okuhlala kuyo abahlengikazi, emagunjini odokotela, emalabholethri ezempilo, ezikhungweni zocwaningo, endaweni kadokotela wamazinyo, egunjini likadokotela wezifo zonke, endaweni yomelaphi wendabuko, endaweni kadokotela wesintu, endaweni kadokotela wezilwane noma nayiphi enye indawo lapho imfucuz yezempilo ethathelanayo noma enokuthathelana idaleka khona, kanti futhi ihlanganisa nalokhu okulandelayo nakuba kungagcini lapho –

- (a) imfucuz yamagciwane angadala isifo kubantu, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, ezicutshini, emfuyweni nakwezinye izinto eziphilayo;
- (b) igazi lomuntu kanye nemikhiqizo yegazi, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, umantshu, igazi eselikhishwe ububomvu balo kanye nezinye izingxenyegazi;
- (c) imfucuz yasemalabholethri exhumene nezifo zabantu, kubandakanya kodwa akugcini lapho, izicubu, izingxenyegazi zomzimba okukhishwe ngesikhathi kuhlinzwa abantu noma kuhlonzwa imbangela yokufa;
- (d) imfucuz yezilwane engcolisekile, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, izidumbu zezilwane ezifile, izicubu zomzimba esezize zatholwa amagciwane athathelanayo;
- (e) imfucuz yabantu noma izilwane okubekwa emagunjini akho kodwa ngenxa yokuthi kuphethwe yizifo ezithathelana kalula;
- (f) izinaliti nemimese okungcolisekile noma okungangcolisekile, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, izinto ezingadala ukusikeka ukujoveka ezifana nezinaliti, imijovo, imimese kanye namabhodlela;
- (g) amathuluzi ezempilo asesebenzile kanye nezinye izimpahla zezempilo ezingahle zidale noma zibhebhethekise isifo noma zidale ukubhebhetheka kwegciwane, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, izindwangu zokubopha izilonda, amabhandishi, izikhwama zegazi, imfucuz yaselabholethri, amashubhu okumoma igazi, isikhwama sendle yomuntu ohlinzwe amathumbu, amagilavu, izikhwama zedriphu, amapulangwana okucindezela ulimi;
- (h) imikhiqizo yasekhemisi, kubandakanya kodwa kungagcini lapho, okokugoma izilwane nabantu, imithi nezidakamizwa; kanye
- (i) nemfucuz yekhemikhali elilimaza intwalalufuzo (i-DNA) okuvela uma kuzanywa ukuhlonza noma kuhlolwa okuthile noma kunanoma yimuphi omunye umthombo.



**“imfucuza yezimboni”** kushiwo imfucuza eqinile edaleka ngenxa yokukhiqiza, ukulungisa, noma ukudiliza noma imisebenzi yomashali bolayini bezitimela, okufaka nemfucuza yalolu hlobo ekhiqizwa ezindaweni zokuhlala ngenxa yokuqhuba ibhizinisi kulezo zindawo, ngale kokuthi lelo bhizinisi lenziwa ngokusemthethweni noma cha, kodwa ayibandakanyi imfucuza yokwakha, imfucuza yebhizinisi, imfucuza yasekhaya, imfucuza yezimboni ekhethekile. Imfucuza yezimboni ibandakanya imfucuza yalolu hlobo edaleka esakhiweni sokuhlala okuhweshelwa kuso, akukhathalekile noma ngabe lokho kuhweba okwenzelwa kuleso sakhiwo kusemthethweni noma cha;

**“umkhandlu kaMasipala”** noma **“umkhandlu”** kushiwo uMkhandlu kaMasipala weTheku, umkhandlu kaMasipala okukhulunywa ngawo esigabeni 157(1) soMthethosisekelo;

**“uMasipala”** kushiwo uMasipala weTheku, okunguMasipala ongena ngaphansi komasipala bohlobo olungu-A njengoba kubekiwe esigabeni 155(1) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, futhi owasungulwa ngokulandela iSaziso Sesifundazwe No. 343 sika-2000 (KwaZulu-Natali);

**“imenenja kaMasipala”** kushiwo umuntu oqokwe ngokwesigaba 54A soMthetho Wezinhlelo Zomasipala njengenhloko yezokuphatha emkhandlwini kaMasipala;

**“okokubolisa”** kushiwo umuthi noma ikhemikhali esheshisa ukubola ngokushintsha isimo sento eboliswayo;

**“umhlali”** kubandakanya –

(a) namuphi umuntu, kubalwa nomnikazi, okunguye ohlala esakhiweni, akukhathalekile ukuthi uhlala ngaphansi kwasiphi isikhundla kuleso sakhiwo, uma sikhona; kanye

(b) esimweni sesakhiwo esiqashiselwe abantu abangaphezulu koyedwa, nomuntu owemukela imali yerenti (yokuqasha) ekhokhwa ngabaqashile, kungabe uyazenzela noma ubambeke umuntu ofanele ukwemukela leyo mali yokuqasha;

**“umnikazi”** kushiwo –

- (a) umuntu obhalisiwe njengomnikazi wesakhiwo ehhovisi eliqondene lokubhaliswa kwamatayitela;
- (b) lapho umnikazi obhalisiwe wesakhiwo eshona noma enezikweletu ngokungahleeki, noma engaphansi kwesimo esithile sokukhubazeka esisemthethweni, lowo muntu osingethe noma olawula leso sakhiwo onikezwe amandla okuba wumbheki, umphatheli, umabi wamafa, umsingathi, imenenja yasenkantolo, umhlakazi noma omunye ommele wezomthetho;
- (c) kunanoma yisiphi isimo lapho uMasipala ungakwazi ukuthola ukuthi ngubani lowo muntu, umuntu onelungelo lokuhlomula ekusetshenzisweni kwaleso sakhiwo noma kwalelo bhilidi noma amabhilidi kuleso sakhiwo;
- (d) esimweni lapho leso sakhiwo sesiqashiswe isikhathi esiyiminyaka engama-30 noma ngaphezulu, oqashisiwe esakhiweni; noma
- (e) mayelana –

(i) nesiqephu somhlaba esehlukaniswe ngokwepulani yezingxenyana ebhalisiwe ngokulandela uMthetho Wamatayitela Ezingxenyana ka-1986 (uMthetho No. 95 ka-1986), njengempahla enobunikazi obubambisene, umthuthukisi noma inhlango yabanikazi maqondana nalowo mhlaba oxube ubunikazi; noma

(ii) ingxanye njengoba kuchaziwe eMthethweni Wamatayitela Ezingxenyana, umuntu leyo ngxanye ebhaliswe ngaphansi kwegama lakhe ngaphansi kwetayitela lengxanye yomhlaba, futhi kubandakanya umphatheli oqokwe ngokusemthethweni yilowo muntu.

**“indawo yomphakathi”** kushiwo –

- (a) umgwaqo womphakathi
- (b) indawo yokupaka yomphakathi; noma
- (c) nayiphi ipaki, inkundla yokungcebeleka, ibhishi, inxanxathela yezitolo, amathuna kaMasipala, indawo evulelekile, noma umhlaba ongasetshenziswa kaMasipala okusingethwe nguMasipala, noma umphakathi onelungelo lokuyisebenzisa, noma ekhonjiswa epulanini kawonkewonke elokishini yase ithunyelwa ohleni lwamatayitela abhalisiwe noma ehhovisi loMklamimhlaba Jikelele njengendawo ehlinzekelwe ukusetshenziswa wumphakathi noma abanikazi baleso siza kulelo lokishi;

**“umgwaqo womphakathi”** kushiwo namuphi umgwaqo, isitaladi noma indlela yokudlula noma nayiphi enye indawo (kungaba yindlela yokudlula noma cha)

evamise ukusetshenziswa wumphakathi noma yingxanye yawo, noma umphakathi noma ingxanye yawo enelungelo lokufinyelela kuyo, futhi kubandakanya –

- (a) unqenqema lwalowo mgwaqo, isitaladi noma indlela yokudlula;
- (b) naliphi ibhulohwe, isishushumbisi noma isikebhe okunqamula kulowo mgwaqo, isitaladi noma indlela yokudlula; kanye
- (c) namuphi omunye umsebenzi noma okuthile okuyingxanye noma okuxhumene noma okungaphansi kwalowo mgwaqo, isitaladi noma indlela yokudlula;

**“isakhiwo”** kushiwo nasiphi isiza noma isiqephu somhlaba, ibhilidi, ikamelo, uhlaka, itende, iveni, imoto, umfudlana, idamu, ichibi, iphuli, umsele ovulekile, omboziwe noma ozibekelwe, okungakhathalekile ukuba uthuthukisiwe noma cha futhi okungakhathalekile noma owomphakathi noma owangasese;

**“imfucuzo evuselelekayo”** kushiwo nanoma iyiphi imfucuzo okuhloswe ukuba iphinde ikhiqizwe kabusha futhi ehlukaniwe kwenye imfucuzo futhi esingethwe njengengaba wusizo wumdali wemfucuzo noma umuntu osebenzela lowo mdali wemfucuzo;

**“ukuvuselela imfucuzo”** kushiwo ukuqoqwa, ukuhlukaniwa nokuthuthwa kwemfucuzo ukuze iyodayiswa kabusha noma isetshenziswe kabusha uma sekukhiqizwa enye noma kwezinye izinhlelo;

**“isakhiwo okuhlalwa kuso”** kushiwo isakhiwo okuhlala kuso abantu, kodwa asifaki isikhungo sendawo yokulala izihambeli njengoba kuchaziwe eMthethweni KaMasipala omayelana nezikhungo zendawo yokulala izihambeli;

**“ugu lolwandle”** kushiwo unqenqema lolwandle njengoba kuchaziwe eMthethweni Wezemvelo Kazwelonke: Ukwenganyelwa Kogu Okudidiyelwe, ka-2008 (uMthetho No. 24 ka-2008);

**“isiqukathikazi”** kushiwo isiqukathi, esinesisindo esiphakathi kwamamitha ayisithupha (6m<sup>3</sup>) nayishumi nesishiyagalombili (18m<sup>3</sup>), esakhelwe ukugcina okwesikhashana imfucuzo futhi esizolayishwa elolini ukuze kususwe leyo mfucuzo kunokuba sithululelwe esakhiweni;

**“imfucuza ekhethekile yasekhaya”** kushiwo imfucuza yasekhaya okungathi ngenxa yokusinda, ukuma noma usayizi wayo kungabi lula –

- (a) ukuba igcinwe esiqukathini semfucuza; noma
- (b) ukuba isuswe ngokohlelo olwejwayelekile lukaMasipala lokususwa kwemfucuza yasekhaya;

**“imfucuza yezimboni ekhethekile”** kushiwo imfucuza, okubalwa kuyo uketshezi noma ubishi, edalwa –

- (a) uhlelo lokukhiqiza ezimbonini; noma
- (b) ukuhlanzwa, ngenhloso yokuchithwa, kwanoma yiluphi uketshezi lwemboni olungasadingeki, ngokwezihlinzeko zemithetho kaMasipala emayelana nokuhanjiswa kwendle, okungafanele ichithwe lapho kuhamba khona indle ngale kokuthola invume kaMasipala, ibe leyo mvume ingakagunyazwa;

**“izimali ezikhokhwayo”** kushiwo izimali ezinqunyiwe zokukhokhela nanoma yimuphi umsebenzi ohlinzekwa wuMasipala ngokulandela lo Mthetho KaMasipala njengoba kubekiwe ohlweni lwezimali ezikhokhelwa imisebenzi ezemukelwe ngokwesinqumo somkhandlu izikhathi ngezikhathi;

**“umnikazi wendawo yomcimbi”** kushiwo umuntu ongumnikazi, ophethe noma onelungelo lokusebenzisa amalungelo omnikazi noma umhlali wendawo esetshenziselwa imicimbi njengoba kuchaziwe eMthethweni Wezokuphepha Emicimbini Yezemidlalo Neyokungcebeleka, ka-2010 (uMthetho No. 2 ka-2010);

**“imfucuza”** kushiwo nayiphi into, njengoba kuchaziwe eMthethweni Wezokwenganyelwa Kwemvelo Ophathelene Nemfucuza, ka-2008 (uMthetho No. 59 ka-2008), noma ngabe leyo nto inganciphiseka noma ingasebenziseka kabusha noma ingaguqulwa iphinde isebenziseke noma ingaphinde ivuseke –

- (a) okuyinsalela, okungasadingeki, okunqatsheliwe, okulahliwe, okushiyiwe noma okuchithiwe;
- (b) okutholakala ukuthi umdali wakho akasezukulungisa ukuze akusebenzisele izinhloso zokukhiqiza;
- (c) okumele kuhlanzwe noma kulahlwe;

(d) okuhlonzwe njengemfucuzwa wuNgqongqoshe Wezamanzi Nezemvelo ngesaziso kwi*Gazethi*, futhi

kubandakanya imfucuzwa edaleke ezimayini, embonini yezempilo noma kwenye imboni, kodwa –

(i) umkhiqizo owenzelwe ukukhiqiza omunye;

(ii) nayiphi ingxenye yemfucuzwa, uma seyike yaguqulelwa ukuphinde isebenziseke noma yavuseleleka, ayibe isaba yimfucuzwa;

**“umgqomo wemfucuzwa”** kushiwo isiqukathi esakhelwe ukugcina okwesikhashana imfucuzwa, esinesisindo esingaphansi kwamamitha amabili ( $2m^3$ ), kungaba esinamasondo noma esingenawo, futhi esihambisana nalokhu:

(a) izimfuneko zabakwa-SABS ezingunombolo 493-1973: ezimayelana nemigqomo yemfucuzwa yensimbi; noma

(b) izimfuneko zabakwa-SABS ezingunombolo 1310-1980: ezimayelana nemigqomo yemfucuzwa eyakhiwe ngokusapulasitiki;

njengoba zashicilelwa eSazisweni Sikawonkewonke esingunombolo. 463 sangomhlaka 9 kuJulayi 1982;

**“isiqukathi semfucuzwa”** kushiwo umgqomo wemfucuzwa, isiqukathi semfucuzwa eyinqwaba noma isiqukathikazi;

**“indawo yokulahla imfucuzwa”** kushiwo indawo, engafaki phakathi indawo yemfucuzwa yasengadini, okulahlwa kuyo imfucuzwa, futhi okuyindawo okungaba nona engahlinzekwa –

(a) nguMasipala; noma

(b) umuntu ozimele bese iqhutshwa yilowo muntu ngokulandela izimiso zemvume noma ilayisensi ayinikezwe yisikhungo esifanele;

**“umdali wemfucuzwa”** kushiwo namuphi umuntu, noma isikhungo, okudala noma okukhiqiza imfucuzwa, futhi kubandakanya –

(a) umhlali wanoma yisiphi isakhiwo lapho kudaleka khona imfucuzwa; kanye

(b) esimweni sesakhiwo okuhlala kuso abantu abangaphezulu koyedwa, nomnikazi waleso sakhiwo.

**“umsebenzi wokususa imfucuza”** kushiwo ukuqoqwa nokususwa kwemfucuza yasekhaya, yasengadini, yezimboni neyebhizinisi njengoba kuhlinzekelwe kulo Mthetho KaMasipala; futhi

**“umthombo wamanzi”** kushiwo umfula, isiphethu noma umgudu wemvelo lapho kuhamba khona amanzi njalo noma ngezikhawu, idamu, ixhaphozi okugelezela khona noma okuphuma khona amanzi, amanzi angaphezulu komhlaba, isizalo somfula noma isivivane samanzi angaphansi futhi kufaka nanoma yiliphi ipitsi, uhlaka, imishini exhunyelwe noma esetshenziselwa ukugcina, ukusabalalisa, ukuhlinzeka noma ukusebenzisa amanzi.

### **Ukahunyushwa kwalo Mthetho KaMasipala**

2. Uma kukhona ukushayisana phakathi kombhalo wesiNgisi walo Mthetho KaMasipala nombhalo ohunyushiwe, kuyosebenza owesiNgisi.

### **Izinjongo zalo Mthetho KaMasipala**

3. Izinjongo zalo Mthetho KaMasipala –

- (a) ukulawula ukuqoqwa nokususwa kwemfucuza yasekhaya nemfucuza yebhizinisi nguMasipala ukuze kuqinisekise ukuhlinzekwa ngempumelelo kwalo msebenzi;
- (b) ukuqinisekisa ukuqoqwa nokususwa kwezinye izinhlobo zemfucuza;
- (c) ukuhlinzeka ukwenganyelwa kwemfucuza okufanele emicimbini;
- (d) ukubeka izimfuneko ezikhethekile mayelana nokulahlwa kwemfucuza yokwakha;
- (e) ukuhlinzekela ukubhaliswa kosonkontileka abasusa imfucuza;
- (f) ukuvimbela ukulahlwa ngokungemthetho kwemfucuza kanye nokubeka izinhlawulo ezifanele mayelana nokulahlwa ngokungemthetho kanye namanye amacala; kanye
- (g) nokwengamela kanye nokukhuthaza ukuvuselelwa kwemfucuza.

### **Ukusebenza kwalo Mthetho KaMasipala**

4. Lo Mthetho KaMasipala usebenza kuzo zonke izindawo ezingena ngaphansi kukaMasipala weTheku futhi ubophezela bonke abantu abangaphansi kwalo Masipala.

## **ISAPHLUKO 2**

### **IMFUCUZA YASEKHAYA NEYEBHIZINISI**

#### **Umsebenzi wokususwa kwemfucuzwa yasekhaya neyebhizinisi**

5.(1) UMasipala kumele ngokwawo, noma ngokusebenzisa usonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe, ahlinzeke umsebenzi wokuqoqwa nokususwa kwemfucuzwa yasekhaya neyebhizinisi ezakhiweni ezingaphansi kwendawo yawo.

(2) UMasipala awudingeki ukuba uqoqe noma ususe imfucuzwa yebhizinisi kunanoma yisiphi isakhiwo lapho –

- (a) umdali wemfucuzwa esenikeze isaziso sokuthi ufisa uMasipala uyeke ukuhlinzeka lo msebenzi wokususwa imfucuzwa;
- (b) umdali wemfucuzwa eseqashe usonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe ukuba ahlinzeke imisebenzi yokususwa kwemfucuzwa kuleso sakhiwo; kanye
- (c) nalapho imfucuzwa isuswa ngesikhathi nangempumelelo kuleso sakhiwo.

(3) Lapho umdali wemfucuzwa eseqashe usonkontileka osuswa imfucuzwa ogunyaziwe njengoba kubekiwe esigatshaneni (2) ngenhla, umdali wemfucuzwa kumele anikeze uMasipala ubufakazi obenelisayo, bokuthi sikhona isivumelwano sokususwa kwaleyo mfucuzwa.

#### **Imigqomo yemfucuzwa neziqukathi zemfucuzwa eyinqwaba**

6.(1) Abadali bemfucuzwa kumele benze izihlinzeko ezenele zokugcinwa okwesikhashana kwemfucuzwa yasekhaya neyebhizinisi kungaba yisemigqonyeni yemfucuzwa noma eziqukathini zemfucuzwa eyinqwaba.

(2) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele aqinisekise ukuthi yonke imfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi edaleke esakhiweni sakhe ifakwa noma igcinwa eziqukathini zemfucuzwa ukuze uMasipala noma usonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe ayisuse, kuye ngesimo.

(3) Akukho lutho kulo Mthetho KaMasipala okuvimbela namuphi umdali wemfucuzwa osethole imvume kuqala kaMasipala ebhaliweyo –

- (a) yokudayisa noma yokulahla imfucuzwa eguqulekayo iphinde isebenziseke;
- (b) yokudayisa noma yokulahla ukudla kwezinguqube okungadliwa ngabantu; noma

- (c) yokusebenzisa imfucuzwa efanele yasekhaya ukwenza umquba: Inqobo nje uma –
- (i) leyo mfucuzwa noma lowo mquba kungadali isiphazamiso noma kube nobungozi bomlilo; futhi
  - (ii) imfucuzwa kanye nomquba kugcinwa esakhiweni lapho kwenzelwe noma kudaleke khona, lokho nje okungaba yikho, futhi, ngale kokufaka umkhawulo walokhu osekushiwo, kungagciniwe onqenqemeni noma esakhiweni esingumakhelwane.

(4) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele aqinisekise ukuthi yonke imigqomo yemfucuzwa neziqokathi zemfucuzwa okusesakhiweni sakhe –

- (a) kugcinwa kuhlanzekile;
- (b) kusesimweni esihle; futhi
- (c) kuyashintshwa uma kunesidingo.

(5) Esimweni lapho kunokungalandelwa kwalesi sigaba, uMasipala, ukwengeza kunanoma yiziphi izinhlawulo ezinikezwe umdali wemfucuzwa, ungasusa nasiphi isiqokathi zemfucuzwa bese sihlanzwa kukhokhe umdali wemfucuzwa.

(6) UMasipala unganikeza isaziso esibhaliweyo kunamuphi umdali wemfucuzwa umtshela ukuba alandele izihlinzeko zalesi sigaba singakadluli isiqokathi esithile esibekwe esazisweni.

#### **Iziqokathi zemfucuzwa ezihlinzekwe wuMasipala**

7.(1) UMasipala, ngokubona kwakhe, angahlinzeka iziqokathi zemfucuzwa esakhiweni uma ubona ukuthi lezi ziqokathi zifaneleke kangcono kunemigqomo yemfucuzwa uma kubukwa lokhu okulandelayo –

- (a) inani lemfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi edaleka kuleso sakhiwo;
- (b) uhlobo lwemfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi kanye nokufaneleka kwemigqomo yemfucuzwa ukugcina lolu hlobo lwemfucuzwa;
- (c) nokuthi izimoto zikaMasipala eziqoqa imfucuzwa ziyafinyelela yini endaweni okugcinwa kuyo imfucuzwa.

(2) Iziqokathi zemfucuzwa ezihlinzekwa umdali wemfucuzwa wuMasipala ngenhloso yokuba agcine imfucuzwa yebhizinisi noma yasekhaya okwesikhashana kumele zisetshenziselwe kuphela ukugcina leyo mfucuzwa.



(3) Iziqukathi zemfucuzwa ezihlinzekwa wuMasipala ziyohlala zingezikaMasipala futhi, nangasiphi isikhathi, ngokubona kukaMasipala, ziyoshintshwa noma zisuswe wuMasipala.

(4) Uma uMasipala esusa isiqukathi semfucuzwa eyinqwaba, kungekhona okwesikhashana, umhlali noma umnikazi waleso sakhiwo, kuye ngesimo, kumele enze izinhlelo ngokushesha zokuba kugcinwe leyo mfucuzwa okwesikhashana kungaba yisemigqomeni yemfucuzwa noma eziqukathini zemfucuzwa eyinqwaba.

(5) Akukho mdali wemfucuzwa ongalimaza ngenhloso noma ngobudedengu isiqukathi semfucuzwa esihlinzekwe wuMasipala.

(6) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa unesibopho sokugada nasiphi isiqukathi semfucuzwa esihlinzekwe nguMasipala kanti futhi ubophezeleke ukuthi afake esinye esikhundleni sesintshontshiwe noma esilimele, ngaphandle kwesimo lapho ukulahleka noma ukulimala kudalwe ngabasebenzi bamasipala.

(7) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele ngokushesha abikele uMasipala mayelana nokulahleka noma ukulimala kwesiqukathi semfucuzwa esihlinzekwe wuMasipala.

(8) Akukho mdali wemfucuzwa, ngale kwemvume kaMasipala ebhaliweyo, ongasusa iziqukathi zemfucuzwa esakhiweni esihlinzekelwe wuMasipala.

(9) UMasipala ungakhokhisa imali yerenti efanele mayelana nanoma yiziphi iziqukathi zemfucuzwa ezihlinzekwe wuMasipala kumdali wemfucuzwa.

### **Izindawo zokugcina imfucuzwa**

8.(1) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele ahlinzeke indawo yokugcina imfucuzwa esakhiweni sakhe ebekelwe ukugcina iziqukathi zemfucuzwa futhi leyo ndawo yokugcina imfucuzwa kumele –

- (a) ifaneleke ngokubuka isibalo kanye nosayizi kweziqukathi zemfucuzwa;
- (b) ibe ngale ndlela yokuthi iziqukathi azibonakali esitaladini noma emgwaqeni womphakathi;
- (c) ihambisane nanoma yiziphi ezinye izimfuneko ezibekwa wuMasipala.

(2) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele –

- (a) abeke iziqukathi zemfucuzwa, noma enze ukuba kubekwe iziqukathi zemfucuzwa, endaweni yokugcinwa kwemfucuzwa; futhi
- (b) ngazo zonke izikhathi agcine iziqukathi zemfucuzwa endaweni zokugcinwa kwemfucuzwa, ngaphandle uma zisuselwe ukuchitha imfucuzwa.

(3) Umdali wemfucuzwa kumele aqinisekise ukuthi –

- (a) indawo yokugcina imfucuzwa kanye neziqukathi zemfucuzwa kuyahlanzeka ngazo zonke izikhathi;
- (b) indawo yokugcina imfucuzwa kanye neziqukathi zemfucuzwa akuphazamisi muntu; futhi
- (c) iziqukathi zemfucuzwa zimbozwe ngokufanele ngesidikiselo noma okunye kokwemboza okuhlinzekwe nesiqukathi.

#### **Usuku lokuqoqwa kwemfucuzwa**

9.(1) UMasipala kumele, izikhathi ngezikhathi, wazise izinsuku ozoqoqa ngazo imfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi ezindaweni ezahlukene ngaphansi kwendawo yawo.

(2) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa kumele, ngaphambi kwehora lesikhombisa ekuseni ngosuku lokuqoqwa kwemfucuzwa endaweni ayakhele, aqinisekise ukuthi zonke iziqukathi zemfucuzwa esakhiweni eziqukethe imfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi zibekwa –

- (a) ngokushesha ngaphandle kwesakhiwo;
- (b) eduze konqenqema lomgwaqo; noma
- (c) kwezinye izindawo ezinqunywe uMasipala.

(3) Uma umdali wemfucuzwa ehlinzekwe ngezikhwanyana zepulasitiki zemfucuzwa nguMasipala, zonke izikhwanyana eziqukethe imfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi kumele zibekwe –

- (a) ngaphandle nje komngcele wesakhiwo sakhe;
- (b) eduze konqenqema lomgwaqo; noma
- (c) kwenye indawo enganqunywa wuMasipala.

(4) Umdali wemfucuzwa kumele aqiniseke ukuthi zonke iziqukathi zemfucuzwa zivalwe ngendlela nokuthi azizivimbi izimoto noma abantu abahamba ngezinyawo emgwaqeni.

**Okungavunyelwe ukusetshenziselwa kweziqukathi zemfucuzi**

10.(1) Lezi zinto ezilandelayo azivumelekile ukuba zifakwe kunanoma yisiphi isiqukathi zemfucuzi:

- (a) umlotha oshisayo;
- (b) ingilazi engasongiwe noma izitsha zengialzi ezihlotshisiwe;
- (c) imfucuzi noma okunye okudala imfucuzi, kubandakanya naluphi uketshezi, okungathi ngenxa yokusinda kwayo noma ezinye izimpawu zayo, kungahle kudale ukuba kube nzima ngokungenasidingo ukuphatha lezi ziqukathi zemfucuzi;
- (d) nayiphi enye imfucuzi noma okunye okudala imfucuzi okungadala umonakalo eziqukathini zemfucuzi noma ezimotweni ezisusa imfucuzi, noma ezingadala ukulimala kwabasebenzi bamasipala ngenkathi benza imisebenzi yabo ngokulandela lo Mthetho KaMasipala, ngaphandle uma izinyathelo ezifanele sezithathiwe ukuzama ukugwema lowo monakalo noma lokho kulimala.

(2) Akukho muntu ongabeka nayiphi into okungeyona imfucuzi yasekhaya noma yebhizinisi, njengoba kuchaziwe kulo Mthetho KaMasipala, esiqukathini zemfucuzi esihloswe ukusetshenziselwa imfucuzi yasekhaya noma yebhizinisi; futhi ukwengeza, lezi zinto ezilandelayo angeke zafakwa esiqukathini zemfucuzi okuhloswe ukuba sisetshenziselwe imfucuzi yasekhaya noma yebhizinisi:

- (a) nanoma yini okusansimbi;
- (b) isiqu sesihlahla (isigxobo);
- (c) inhlabathi, amatshe noma izimbokodo; kanye
- (d) nanoma yini imfucuzi engavamisile ukudaleka ezingadini noma emakhaya, noma emabhizinisini.

(3) Esimweni lapho kuba khona ukwepulwa kwalesi sigaba, uMasipala ungashiya lesi siqukathi singathuthiwe, futhi, ukwengeza ungahlawulisa lowo odale leyo mfucuzi.

**Isaziso kuMasipala mayelana nabadali bemfucuzi abasha**

11.(1) Umhlali wesakhiwo lapho imfucuzi yebhizinisi noma yasekhaya izodaleka okokuqala noma emva kwesikhathi eside kade ingadaleki noma esimweni lapho kuhlala abantu abangaphezu koyedwa esakhiweni esisodwa, umnikazi waleso sakhiwo, kumele azise uMasipala ngokubhaliwe ngaphambi kokuba aqale adale imfucuzi.

(2) Ekwaziseni uMasipala mayelana nokuguquka kwezimo, umhlali noma umnikazi, kanjengoba kungenzeka, kumele anikeze uMasipala imininingwane egcwele mayelana nalolo guquko futhi kumele, uma ecelwa, esekele leyo mininingwane njengoba kufuna uMasipala.

#### **Isaziso kuMasipala mayelana nokuguquka kwezimo**

**12.(1)** Umhlali wesakhiwo lapho imfucuzwa yebhizinisi noma yasekhaya idaleka noma, esimweni sesakhiwo okuhlala kuso abantu abangaphezu koyedwa, umnikazi waleso sakhiwo kumele azise uMasipala ngokubhaliwe zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa –

- (a) ngokubhaliswa kokudluliselwa kobunikazi baleso sakhiwo;
- (b) nganoma yiluphi uguquko lwegama lomhlali waleso sakhiwo;
- (c) ngokuhlalwa kabusha kwesakhiwo kulandela isikhashana kungahlali muntu; kanye
- (d) nanganoma yiluphi uguquko mayelana nohlobo, isisindo nobuningi kwemfucuzwa edalekile.

(2) Ekwaziseni uMasipala mayelana nokuguquka kwezimo, umhlali kumele anikeze uMasipala imininingwane egcwele mayelana nalolo guquko futhi kumele, uma ecelwa, esekele leyo mininingwane njengoba kufuna uMasipala.

#### **Izikhwama zopulasitiki ezilahlwayo neziqukathi zemfucuzwa yasekhaya**

**13.(1)** UMasipala kumele uhlinzeke lowo nalowo mdali wemfucuzwa yasekhaya lokhu –

- (a) isibalo sezikhwama zemfucuzwa njengoba kunqume uMasipala ngokubona kwawo; noma
- (b) nasiphi isiqukathi zemfucuzwa uma, ngokubona kukaMasipala, leyo mfucuzwa edalwe yilowo mdali wemfucuzwa igcinwe ngokulungile kunokuba igcinwe esiqukathini zemfucuzwa.

(2) UMasipala, ngokubona kwawo, ungasabalalisa izikhwama ezilahlwayo zepulasitiki zemfucuzwa ngezikhawu eziwulungele ngokubuka imisebenzi kuleyo naleyo ndawo engaphansi kwawo.

(3) Loyo naloyo mdali wemfucuzwa kumele, uma enikezwe izikhwama ezilahlwayo zepulasitiki zemfucuzwa nguMasipala, aqinisekise ukuthi imfucuzwa edaleke esakhiweni sakhe ifakwa emigqonyeni yemfucuzwa kuphela eboshwe ngalezi zikhwama nokuthi ayifakwa emigqonyeni engenazo lezi zikhwama.

#### **Izimali ezikhokhelwa ukususwa kwemfucuzwa yasekhaya neyebhizinisi**

**14.**(1) Loyo naloyo mdali wemfucuzwa ubophezeleke ukuba akhokhele uMasipala izimali ezifanele mayelana nokuqoqwa, ukususwa nokuchithwa kwemfucuzwa esakhiweni lapho kudaleka khona imfucuzwa yebhizinisi neyasekhaya.

(2) Umhlali noma umnikazi wesakhiwo lapho kudaleka khona imfucuzwa yasekhaya noma yebhizinisi uyoqhubeka nokukhokha le mali kuze kube –

- (a) loyo mhlali uselethe ubufakazi obenelisa uMasipala ukuthi akasafanele ukukhokha lezo zimali ezibekwe ngokulandela lo Mthetho KaMasipala; noma
- (b) ukubhaliswa kokudluliselwa kwesakhiwo egameni lomnikazi omusha sekwenzekile.

#### **Izimali ezikhokhelwa ukususwa kwemfucuzwa yebhizinisi**

**15.**(1) Uma kudaleke imfucuzwa ngenxa yemisebenzi yebhizinisi elenziwa ezakhiweni zokuhlala, umdali wemfucuzwa uyena oyokhokhela uMasipala izimali ezibizwayo zokuqoqwa kwemfucuzwa yebhizinisi, zokuthuthwa kwayo nokulahlwa kwayo.

(2) Ezimweni ezibalulwe ngasenhla kwisigatshana (1), uMasipala unelungelo lokubiza izimali zamatharifu zokuqoqwa nokulahlwa kwemfucuzwa mayelana nayo yonke imfucuzwa evela kulezo zakhiwo ezithintekayo, kungakhathaleki ukuthi imfucuzwa ngeyasendlini noma eyebhizinisi.

### **ISAPHLUKO 3**

#### **IMFUCUZA YASENGADINI, EKHETHEKILE YASEKHAYA NEYINQWABA**

#### **Akukho mufucuzwa yasengadini, yasekhaya ekhethekile noma eyinqwaba eyosuswa wuMasipala**

**16.** UMasipala awubophezelekile ukuba uqoqwe futhi ususe imfucuzwa yasengadini, yasekhaya ekhethekile noma eyinqwaba.

**Ukususwa kwemfucuzwa yasengadini, yasekhaya ekhethekile noma eyinqwaba**

**17.(1)** Lowo nalowo mdali wemfucuzwa yasengadini, yasekhaya ekhethekile neyinqwaba kumele –

(a) ayisuse futhi ayilahle leyo mfucuzwa endaweni yokulahla imfucuzwa bese ekhokha imali ekhokhwayo; noma

(b) enze izinhlelo nosonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe ukuba kususwe futhi kulahlwe leyo mfucuzwa endaweni yokulahla imfucuzwa bese kukhokha loyo obange leyo mfucuzwa.

(2) Akukho lutho kulo Mthetho KaMasipala oluvimbela umdali wemfucuzwa ukuba agcine imfucuzwa yasengadini ngenhloso yokwakha umquba: Inqobo nje –

(a) uma leyo mfucuzwa noma lowo mquba kungesona isiphazamiso noma kungebona ubungozi bokuqubula umlilo; futhi

(b) leyo mfucuzwa nalowo mquba kugcinwe esakhiweni lapho kudaleke noma kwenzelwe khona, kuye ngesimo, futhi, ngale kokunciphisa ukusebenza jikelele kwalokhu okungenhla, kungagciniwe onqenqemeni noma esakhiweni esingumakhelwane.

(3) UMasipala, ngesaziso esibhaliweyo, angayalela umdali wemfucuzwa odale imfucuzwa yasengadini, ekhethekile yasekhaya noma eyinqwaba ukuba alandele izihlinzeko zesigatshana (1) noma alahle imfucuzwa –

(a) ngendlela; kanye

(b) nangezikhawu,

okunganqunywa uMasipala.

**Izindawo zemfucuzwa yasengadini**

**18.(1)** Imfucuzwa yasengadini, uma seyisusiwe esakhiweni lapho idaleke khona, kumele ilahlwe

(a) endaweni yemfucuzwa yasengadini, kweyame ezihlinzekweni zesigatshana (2); noma

(b) endaweni yokulahla imfucuzwa.

(2) Umdali wemfucuza engachitha inani elemukelekile lemfucuza yasengadini endaweni yemfucuza yasengadini mahhala, ngaphandle uma uMasipala unquma ngokwehlukile, futhi kuncike ekutheni –

- (a) leyo mfucuza idaleke esakhiweni sokuhlala;
- (b) leyo mfucuza ithuthwa ngemoto engeqile esisindweni esingamakhilo angama-750 noma amakota amathathu ethani omthwalo okhokhelwayo;
- (c) loyo naloyo mdali wemfucuza ulahla leyo mfucuza isikhathi esingeqile kokudwa ngesonto.

(3) Imfucuza yasengadini edaleke esakhiweni okuhlalwa kuso, endaweni yokulala nesidlo sasekuseni (i-B&B), endaweni yokulalisa izihambeli noma nasiphi esinye isakhiwo sebhizinisi ingalahlwa kuphela endaweni yokulahla imfucuza noma enye indawo enqunyiwe uma sekukhokhwe izimali ezikhokhelwa lowo msebenzi.

(4) Isikhulu esigunyaziwe sinelungelo lokukhokhisa izimali zemisebenzi mayelana nanoma yiyiphi imfucuza elahlwe endaweni yemfucuza yasengadini uma leso sikhulu seneliseka ngokufanele ukuthi leyo mfucuza ayidalekanga esakhiweni sokuhlala noma ihanjiswe endaweni yemfucuza yasengadini ngendlela engahambisani nezihlinzeko zalo Mthetho KaMasipala.

(5) UMasipala uyoba nelungelo, izikhathi ngezikhathi, lokunquma izikhathi zokusebenza zezindawo zemfucuza yasengadini, okuyizikhathi okumele zikhonjiswe emabhodini ezaziso aphanyekwe kulezi zindawo.

(6) Akukho muntu ongalahla noma iyiphi imfucuza okungeyona imfucuza yasengadini endaweni yemfucuza yasengadini ngaphandle uma enemvume kaMasipala.

#### **Ukulahlwa kwemfucuza yasekhaya ekhethekile noma eyinqwaba**

**19.** Imfucuza yasekhaya ekhethekile neyinqwaba kumele, uma seyisusiwe esakhiweni lapho idaleke khona, ilahlwe endaweni yokulahla imfucuza, ngokukhokha imali ebekelwe lowo msebenzi.

**Imisebenzi kaMasipala ekhethekile**

20. Ngokucela komdali wemfucuzwa futhi sekukhokhwe nemali efanele yalo msebenzi, uMasipala, ngokubona kwawo, ungayisusa imfucuzwa yasengadini, eyasekhaya ekhethekile noma eyinqwaba kunanoma yisiphi isakhiwo.

**ISAPHLUKO 4  
IMFUCUZA YEZIMBONI****Akukho mfucuzwa yezimbongi eyosuswa wuMasipala**

21. UMasipala akabophezelekile ukuba aqoqe futhi asuse imfucuzwa yezimbongi.

**Ukususwa kwemfucuzwa yezimbongi**

22.(1) Lowo nalowo mdali wemfucuzwa odala imfucuzwa yezimbongi kumele –

(a) asuse, noma enze ukuba kususwe, imfucuzwa bese ilahlwa endaweni yokulahla imfucuzwa ngokukhokha imali efanele; noma

(b) ahlele nosonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe ukuba kususwe leyo mfucuzwa bese iyolahlwa endaweni yokulahla imfucuzwa ngokukhokha imali ekhokhelwa lowo msebenzi.

(2) UMasipala, ngesaziso esibhaliweyo, angayalela umdali wemfucuzwa –

(a) odala imfucuzwa yezimbongi; noma

(b) ofuye izilwane ezisankomo noma ezisahhashi ngenhloso yokwenza ibhizinisi noma uhwebo,

ukuba asuse leyo mfucuzwa, noma enze ukuba leyo mfucuzwa isuswe, isiwe endaweni yokulahla imfucuzwa noma endaweni yokushisa imfucuzwa ngokubona kukaMasipala noma ukuba ayilahle ngendlela engagunyazwa uMasipala.

(3) Uma ukhipha isaziso ngokwesigatshana (2), uMasipala angayalela ukuba imfucuzwa isuswe bese ilahlwa ngezikhawu ezithathwa njengezifanele uMasipala.

(4) Uma umdali wemfucuzwa esayine isivumelwano nosonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe ukuba asuse imfucuzwa yezimbongi, umdali wemfucuzwa kumele, ngesicelo esibhaliweyo sikaMasipala, anikeze ubufakazi kuze kweneliseke uMasipala ukuthi sikhona isivumelwano sokususwa kwemfucuzwa.



**Imigqomo yemfucuzaneziqakathi zemfucuzaneyinqwaba: imfucuzanezimboni**

**23.**(1) Abadali bemfucuzane kumele –

- (a) bahlinzekele ukugcinwa okwesikhashana kwemfucuzanezimboni emigqonyeni yemfucuzane noma eziqakathini zemfucuzaneyinqwaba; futhi
- (b) balandele izihlinzeko zesigaba 6 ngokufanelekile.

(2) UMasipala unamandla afanayo mayelana nabadali bemfucuzane abakhiqiza imfucuzanezimboni nalawo anawo mayelana nabadali bemfucuzane yasekhaya neyamabizini njengoba kubekiwe esigabeni 6.

**Izindawo zokugcina imfucuzane: imfucuzanezimboni**

**24.** Abadali bemfucuzane kumele –

- (a) bahlinzeke indawo yokugcinwa kwemfucuzane esakhiweni sabo ukuze kugcinwe iziqakathi zemfucuzane; futhi
- (b) balandele izihlinzeko zesigaba 8 ngokufaneleyo.

**Umsebenzi kaMasipala okhethekile: imfucuzanezimboni**

**25.** Ngokucela komdali wemfucuzane kanye nangokukhokha imali ekhokhelwa lo msebenzi, uMasipala, ngokubona kwawo, ungasusa imfucuzanezimboni esakhiweni sawo.

**ISAHLUKO 5****IMFUCUZA YEZIMBONI EKHETHEKILE, IMFUCUZA ENOBUNGOZI NEYEZEMPILLO****Akukho mfucuzanezimboni ekhethekile, imfucuzane enobungozi noma yezempilo eyosuswa wuMasipala**

**26.** UMasipala awubophezelekile ukuba uqoqe futhi ususe imfucuzanezimboni ekhethekile, imfucuzane enobungozi noma imfucuzane yezempilo.

**Ukususwa kwemfucuzanezimboni ekhethekile, enobungozi neyezempilo**

**27.**(1) Loyo naloyo mdali wemfucuzane odala imfucuzanezimboni ekhethekile, imfucuzane enobungozi noma imfucuzane yezempilo kumele –

- (a) asuse noma enze ukuba kususwe leyo mfucuza bese iyolahlwa endaweni yokulahla imfucuza ngokukhokha izimali ezifanele lo msebenzi; noma
- (b) enze izinhlelo nosonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe ukuba kususwe leyo mfucuza bese iyolahlwa endaweni yokulahla imfucuza ngokukhokha imali efanele yalo msebenzi.

(2) UMasipala, ngesaziso esibhaliwe, angayalela umdali wemfucuza odala imfucuza yezimboni ekhethekile, enobungozi noma yezempilo ukuba asuse leyo mfucuza, noma enze ukuba leyo mfucuza isuswe, isiwe endaweni yokulahla imfucuza noma emgqonyeni wokushisa imfucuza ngokubona kukaMasipala noma ilahlwe ngenye indlela engagunyazwa uMasipala.

(3) Lapho umdali wemfucuza esevumelene nosonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe ukuba kususwe imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma imfucuza yezempilo, lowo mdali wemfucuza kumele, uma ethola isicelo esibhaliwe sikaMasipala, anikeze ubufakazi, kuze kweneliseke uMasipala, bokuthi sikhona isivumelwano sokususwa kwemfucuza.

### **Imigqomo yemfucuza neziqukathi zemfucuza eyinqwaba**

**28.**(1) Abadali bemfucuza kumele –

- (a) benze uhlinzeko olwenele lokugcina okwesikhashana imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma yezempilo emigqonyeni yemfucuza noma eziqukathini zemfucuza eyinqwaba; futhi
- (b) balandele izihlinzeko zesigaba 6 ngokufanele.

(2) UMasipala unamandla afanayo mayelana nabadali bemfucuza abakhiqiza imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma yezempilo namandla aphantsi nabadali bemfucuza yasekhaya neyamabhezini njengoba kubekiwe esigabeni 6.

### **Izindawo zokugcina imfucuza ekhethekile, yezimboni, enobungozi neyezempilo**

**29.**(1) Umdali wemfucuza kumele –

- (a) ahlinzeke ngendawo yokugcina imfucuza eseceleni yesakhiwo sakhe ukuze kugcinwe iziqukathi zemfucuza;
- (b) aqiniseke ukuthi leyo ndawo ifanelekile ukuba kugcinwe imfucuza;

- (c) agcine imfucuza futhi aqinisekise ukuthi nakuphi okucijile noma okunobungozi kugcinwa ngendlela yokuthi akubi yisiphazamiso noma kube nobungozi ekuphepheni noma kungcolise imvelo;
- (d) uyazilandela izihlinzeko zesigaba 8 lapho zisebenza khona.

(2) Uma imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma imfucuza yezempilo ingagciniwe ngokulandela izihlinzeko zalo Mthetho KaMasipala, uMasipala ungayalela umdali waleyo mfucuza ukuba ayisuse imfucuza esikhathini esifanelekile, kanti futhi uma leyo mfucuza ingasuswa kuze kuphele leso sikhathi, uMasipala ungasusa leyo mfucuza ngokwawo noma uthole ozoyisusa ngezindleko zomdali wemfucuza.

### **Isaziso ngokudalwa kwemfucuza**

**30.**(1) Umdali wemfucuza odala imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma imfucuza yezempilo kumele azise uMasipala, ngaphambi kokuba aqale adale imfucuza, mayelana –

- (a) nokubumbeka kwaleyo mfucuza;
- (b) inani laleyo mfucuza;
- (c) indlela ezogcinwa ngayo leyo mfucuza;
- (d) isikhathi esihlongozwayo ezogcinwa sona leyo mfucuza;
- (e) indlela leyo mfucuza ezosuswa ngayo ngokulandela izihlinzeko zesigaba 27.

(2) Uma kudingeka kuMasipala, leso saziso okukhulunywa ngaso esigatshaneni (1) kumele sisekelwe wuhlaziyo lwemfucuza oluqinisekiswa ngusokhemese wezezimboni oqeqeshwe ngokufanele noma wumuntu oqokwe nguMasipala.

(3) Kweyame ezihlinzekweni zanoma yimuphi umthetho ofanele, isikhulu esigunyaziwe singangena kunanoma yisiphi isakhiwo ngesikhathi esifanelekile ukuzoqinisekisa ukuthi imfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma imfucuza yezempilo iyadaleka yini kuleso sakhiwo kanti singathatha amasampula bese siyohlola leyo mfucuza ethokalakale kuleso sakhiwo ukuqinisekisa ukuthi iquketheni.

(4) Umuntu okukhulunywa ngaye esigatshaneni (1) kumele azise uMasipala nganoma yiziphi izinguquko ekubumbekeni kanye nasenanini lemfucuza yezimboni ekhethekile, imfucuza enobungozi noma yezempilo ezenzeka emva kwesaziso esenziwe ngokulandela isigatshana (1).

**Umsebenzi wokususwa kwemfucuzwa yezimboni, ekhethekile, enobungozi noma yezempilo**

31.(1) Akukho muntu ongaqhuba noma ongenza umsebenzi wokususwa imfucuzwa yezimboni ekhethekile, imfucuzwa enobungozi noma yezempilo, akukhathaleki noma lowo msebenzi wenziwa ngenkokhelo noma cha, ngaphandle uma lowo muntu enemvume abhaliweyo kaMasipala.

(2) UMasipala unganqaba noma unganikeza imvume kuye ngemibandela uMasipala ongayithatha njengefanele.

(3) Umdali wemfucuzwa angasuselwa imfucuzwa yezimboni ekhethekile, imfucuzwa enobungozi noma yezempilo kuphela wusonkontileka osusa imfucuzwa ogunyazwe wuMasipala ngokulandela imithetho efanele.

(4) Imfucuzwa yezimboni ekhethekile, imfucuzwa enobungozi noma yezempilo ingathuthwa kuphela wusonkontileka osusa imfucuzwa ogunyazwe wuMasipala futhi ohlangabezanayo nezimfuneko zikaMasipala mayelana –

- (a) nekhono likasonkontileka lokususwa imfucuzwa eyilolu hlobo okukhulunywa ngalo;
- (b) neziqukathi ezisetshenziswa wusonkontileka;
- (c) nomaka ababhalwe esiqukathini ezisetshenziswa wusonkontileka;
- (d) nendlela okwakhiwa ngayo iziqukathi ezisetshenziswa wusonkontileka;
- (e) nenqubo kasonkontileka yokuphepha nenhlanzeko; kanye
- (f) nemibhalo kasonkontileka ephathelene nomthombo, ukuthuthwa kanye nokuchithwa kwemfucuzwa.

(5) Usonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe kumele azise uMasipala, ngezikhawu ezinganqunywa wuMasipala –

- (a) mayelana nokususwa kwemfucuzwa yezimboni ekhethekile, imfucuzwa enobungozi noma yezempilo;
- (b) mayelana nokuhlonzeka kukasonkontileka ozosusa leyo mfucuzwa;
- (c) mayelana nosuku okuzosuswa ngalo leyo mfucuzwa; kanye
- (d) namayelana nenani nokubumbeka kwemfucuzwa ezosuswa.

(6) Uma kwenzeka umuntu othile eboshelwa ukwephula izihlinzeko zalesi sigaba, kumele, naphezu kwenhlawulo anikezwe yona, achithe leyo mfucuza njengoba eyalelwe wuMasipala noma, okunye, uMasipala ungachitha leyo mfucuza ngokwawo ngezindleko zalowo muntu.

## **ISAHLUKO 6 IMFUCUZA YOKWAKHA**

### **Akukho mfucuza yokwakha eyosuswa wuMasipala**

**32.** UMasipala awubophezelekile ukuba uqoqe futhi ususe imfucuza yokwakha.

### **Ukususwa kwemfucuza yokwakha**

**33.(1)** Lowo nalowo mdali wemfucuza odala imfucuza yokwakha kumele –

- (a) asuse, noma enze ukuba kususwe, leyo mfucuza futhi ichithwe endaweni yokuchitha imfucuza ngokukhokha imali efanele;
- (b) enze izinhlelo nosonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe ukuba kususwe leyo mfucuza bese ichithwa endaweni yokuchitha imfucuza ngokukhokha imali efanele.

(2) UMasipala, ngesaziso esibhaliwe, angayalela umdali wemfucuza odala imfucuza yokwakha ukuba asuse leyo mfucuza, noma enze ukuba kususwe leyo mfucuza, iyolahlwa endaweni yokulahla imfucuza noma emgqonyeni wokushisa imfucuza ngokubona kukaMasipala noma ilahlwe ngenye indlela engagunyazwa uMasipala.

(3) Ekunikezeni isaziso ngokulandela isigatshana (2), uMasipala angayalela ukuba imfucuza isuswe noma ilahlwe ngezikhawu ezingathathwa njengezifanele uMasipala.

(4) Lapho umdali wemfucuza esevumelene nosonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe ukuba kususwe imfucuza yokwakha, lowo mdali wemfucuza kumele, ngesicelo esibhaliwe sikaMasipala, anikeze ubufakazi kuze kweneliseke uMasipala, ukuthi sikhona isivumelwano esingeneliwe.

(5) Namuphi usonkontileka wokwakha omisebenzi yakhe ikhiqiza imfucuza yokwakha ubophezeleke ngokuhlanganyela kunye nomdali wemfucuza ekuqinisekiseni ukuthi leyo mfucuza iyasuswa futhi ilahlwe ngokulandela lesi sigaba.

**Ukugcinwa kwemfucuza yokwakha**

**34.** Umdali wemfucuza kanye nosonkontileka wokwakha omisebenzi yabo ikhiqiza imfucuza yokwakha kumele baqinisekise ukuthi –

- (a) kunohlinzeko olwenele lokuba kugcinwe okwesikhashana imfucuza yokwakha;
- (b) imfucuza iyabukeka;
- (c) ukuthi ayibi yisiphazamiso noma ibe nobungozi bokuphepha kwanoma yimuphi umuntu; futhi
- (d) ayiyingcolisi imvelo.

**Ukulahlwa kwemfucuza yokwakha**

**35.(1)** Kuyicala kunanoma yimuphi umuntu ukulahla imfucuza yokwakha kunoma yiyiphi indawo okungeyona indawo yokulahla imfucuza.

(2) Imfucuza yomakhi, ngemvume kuqala ebhaliwe kaMasipala, ingalahlwa endaweni okungeyona indawo kaMasipala yokulahla imfucuza ngenhloso yokubuyisa umhlaba.

(3) Noma iyiphi imvume enikezwe ngokulandela isigatshana (2) kumele incike emibandeleni uMasipala angayithatha njengenesidingo: Inqobo nje uma ekunikezeni noma ekwenqabeleni imvume yakhe noma ekubekeni imibandela, uMasipala kumele abhekelele –

- (a) ukuphepha komphakathi;
- (b) imvelo ezungeze leyo ndawo yokulahla ephakanyiswayo;
- (c) ukufaneleka kwaleyo ndawo kubandakanya amapayipi ayo okuhambisa amanzi;
- (d) indlela nezikhathi okulindeleke ukuba kulahlwe ngakho imfucuza kuleyo ndawo;
- (e) ukulelezwa kwesiza;
- (f) ukulawulwa kothuli; kanye
- (g) nezinye izimo ezifanele.

(4) Loyo naloyo mdali wemfucuza, usonkontileka wokwakha kanye nosonkontileka osusa imfucuza babophezelekile, uma belahla imfucuza yokwakha endaweni yokulahla imfucuza, ukuba bathole futhi bagcine isikhathi esiyizinyanga eziyi-12 iphepha lesisindo esikhulwini esigunyaziwe endaweni yokulahla imfucuza liqinisekisa uhlobo kanye nesisindo kwemfucuza yokwakha elahliwe.

(5) Kuyothathwa ngokuthi imfucuza yokwakha ilahlwe ngendlela ephikisana nezihlinzeko zalesi sigaba, ngaphandle uma kuvezwa ubufakazi obehlukile, uma umdali wemfucuza,

usonkontileka wemfucuzwa noma usonkontileka osusa imfucuzwa ehluleka ukuveza isitifiketi sebhulohwe elikala isisindo noma izitifiketi eziqinisekisa ukuthi –

- (a) imfucuzwa yokwakha ilahlwe endaweni yokulahla imfucuzwa; noma
- (b) inani lemfucuzwa yokwakha elilahlwe endaweni yokulahla imfucuzwa obekulindleleke ngokufanele ukuba idaleke emisebenzini yokwakha ethintekayo njengoba kunqume iNhloko Yomnyango noma namuphi omunye umuntu ojutshwe yiyo.

## **ISAHLUKO 7 IMFUCUZA YEMICIMBI**

### **Ukubophezeleka ngemfucuzwa yomcimbi**

**36.(1)** Loyo naloyo mhleli womcimbi nomnikazi wendawo okuhlelwe kuyo umcimbi, njengoba kuchaziwe esigabeni 1, banesibopho sokugcina, ukuqoqa, ukuguqula iphinde isebenziseke nokulahla imfucuzwa edaleke ngaphambi komcimbi, ngesikhathi uqhubeka nangemva kwalowo mcimbi.

(2) Loyo naloyo mhleli womcimbi nomnikazi wendawo okuhlelwe kuyo umcimbi kumele baqinisekise ukuthi usonkontileka osusa imfucuzwa ogunyaziwe onesivumelwano sokuqoqa nokulahla imfucuzwa edaleke ngaphambi komcimbi, ngesikhathi uqhubeka nangemva kwalowo mcimbi ngokulandela lo Mthetho KaMasipala.

### **Izinhlelo ezididiyelwe lokwengamela imfucuzwa yemicimbi**

**37.(1)** Loyo naloyo mhleli womcimbi nomnikazi wendawo okuhlelwe kuyo umcimbi kumele bakhe uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa yalowo nalowo mcimbi.

(2) Lolo hlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa kumele –

- (a) lwethulwe kuMasipala okungenani izinsuku eziyishumi (10) ngaphambi kokuba kwenzeke lowo mcimbi ohlongozwayo; futhi
- (b) lubhekele okungenani lokhu okulandelayo:
  - (i) amagama aphelele neminingwane yokuxhumana komhleli womcimbi;
  - (ii) amagama agcwele neminingwane yokuxhumana komnikazi wesakhiwo okuhlelwe khona umcimbi;
  - (iii) uhlobo lomcimbi kanye nesikhathi ozosithatha;

(iv) isilinganiso sezindleko zokwenganyelwa kwemfucuza ehambisana nalowo mcimbi; kanye

(v) nolwazi oludingekayo ngokwesigatshana 38(2).

(3) UMasipala kumele alucubungule uhlelo oludidiyelwe lokwengamele imfucuza bese –

(a) eyalugunyaza kweyame kunoma yimiphi imibandela;

(b) ecela ulwazi olwengeziwe ukuba lulethwe abeke nomnqamulajuqu wokulethwa kwalo;

(c) ecele ukuba kube nezichibiyelo ezenziwayo singakapheli isikhathi esingumnqamulajuqu esibekiwe; noma

(d) aluchithe lolo hlelo anikeze nezizathu ngalokho.

(4) Uma umhleli womcimbi nomnikazi wendawo okuhlelwe kuyo umcimbi behluleka ukulandela naluphi uhlinzeko lwalesi sigaba noma uhlelo oludidiyelwe lokusingatha imfuza abalethulile ngokwalesi sigaba, uMasipala ungahlela ukuba kuqoqwe, kuguqulwe kuphinde kusetshenziswe futhi kulahlwe imfucuza ngezindleko zalowo mhleli womcimbi nomnikazi wendawo okuhlelwe kuyo umcimbi bese ethatha leyo mali emalini yediphozi ekhokhiwe.

(5) Uma umhleli womcimbi nomnikazi wendawo bebengakhokhanga diphozi, lowo mhleli nomnikazi wendawo babophezeleke ngokuhlanganyela ukuba bakhokhe naziphi izindleko ezidaleke kuMasipala ngalo mcimbi.

(6) Uma umhleli womcimbi ehluleka ukunikeza uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza mayelana nomcimbi, uMasipala angaqoka umhlinzeki wemisebenzi (inkampani) ukuba ithole ulwazi bese yenza uhlelo okuzokhokhelwa wumhleli womcimbi.

## ISAPHLUKO 6

### IZINHLELO ZOKWENGANYELWA KWEMFUCUZA

#### Izinhlelo ezididiyelwe zokwengamela imfucuza

**38.**(1) Uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza kumele lwethulwe kuMasipala wumdali wemfucuza odala lezi zinhlobo ezilandelayo zemfucuza ngaphambi kokuba aqale ukudala leyo mfucuza:

(a) imfucuza yamabizininisi;

(b) imfucuza yezimboni;



- (c) imfucuza yokwakha;
- (d) imfucuza yomcimbi;
- (e) imfucuza enobungozi; kanye
- (f) nemfucuza yezempilo.

(2) Uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza kumele lufake okungenani lolu lwazi olulandelayo:

- (a) incazelo mayelana nohlobo lwemfucuza oluzodaleka;
- (b) ukuhlawumbisela inani lemfucuza ezodaleka;
- (c) isakhiwo lapho imfucuza izodaleka khona;
- (d) ukuthi imfucuza edalekile izogcinwa, iyoqwe, iguqulwe ukuze isebenziseke futhi ilahlwe kanjani;
- (e) amagama aphelele neminingwane yokuxhumana kwanoma yimuphi usonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe onesivumelwano nomdali wemfucuza kanye nobufakazi bokuthi unesivumelwano sokuqoqa nokulahla imfucuza;
- (f) incazelo mayelana nokuthi umdali wemfucuza uhlose ukuyehlukanisa kanjani impahla ezoguqulwa iphinde isebenziseke kanye naleyo engasenakusebenziseka lapho idaleka khona imfucuza.
- (g) incazelo mayelana nezinhlelo zomdali wemfucuza zokunciphisa imfucuza nokuvimbela ukungcola;
- (h) ukuhlolwa komthelela noma kokungahle kube wumthelela wemfucuza edalekile kwimvelo;
- (i) lokho umdali wemfucuza azibekele khona mayelana nokuncishiswa nokuguqulwa kwemfucuza iphinde isebenziseke; kanye
- (j) nezinyathelo noma izinhlelo zomdali wemfucuza zokunciphisa imfucuza okunganciphisa ukusetshenziswa kwamagugu emvelo.

(3) UMasipala angayalela noma imuphi umdali wemfucuza ukuba ahlinzeke ngohlelo olusha noma oluchitshiyelwe lokwenganyelwa kwemfucuza nangasiphi isikhathi ngesaziso esingekho ngaphansi kwezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye (90).

(4) Uma eyalelwe ukuba alethe uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza noma olusha noma oluchitshiyelwe ngokulandela lo Mthetho KaMasipala, umdali wemfucuza kuyomele enze njalo, singakapheli isikhathi esibekiwe emyalelweni.

(5) UMasipala kumele alucubungule uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza bese –

- (a) eyalugunyaza kweyame kunoma yimiphi imibandela;
- (b) ecela ulwazi olwengeziwe ukuba lulethwe abeke nomnqamulajuqu wokulethwa kwalo;
- (c) acele ukuba kube nezichibiyelo ezenziwayo singakapheli isikhathi esingumnqamulajuqu esibekiwe; noma
- (d) aluchithe lolo hlelo anikeze nezizathu ngalokho.

(6) Uma uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa luchithwa noma lungethulwa nhlobo, iNhlolo Yomnyango kumele inikeze imiyalelo yokuthi yiziphi izinyathelo zokwengamela imfucuzwa okumele zithathwe wumdali wemfucuzwa futhi uma umdali wemfucuzwa ehluleka ukuthatha lezo zinyathelo ngesikhathi esibekwe yiNhlolo Yomnyango, uMasipala ungaqalisa lezo zinyathelo kanti umdali wemfucuzwa uyobophezeleka ukuba akhokhe izindleko.

(7) UMasipala, ngesaziso esibhaliwe, angafuna namuphi umuntu ukuba anikeze ulwazi aludingayo uma elungiselela uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa lukaMasipala.

(8) Uma kwenzeka umuntu ehluleka ukunikeza ulwazi okukhulunywa ngalo kulesi sigaba, uMasipala angaqoka inkampani ehlinzeka lo msebenzi ukuba ithole ulwazi bese yenza uhlelo ngezindleko zomdali wemfucuzwa.

### **Ukukhululwa ekwethuleni uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa**

**39.(1)** UMdali wemfucuzwa angafaka isicelo ngokubhaliwe ukuba akhululwe ezimfunekweni zokuza nohlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa.

(2) UMasipala angamemezela –

- (a) izinhlobo ezithile zemfucuzwa;
- (b) isisindo esithile noma inani elithile kwemfucuzwa;
- (c) umdali wemfucuzwa othile noma uhlobo oluthile labadali bemfucuzwa; noma
- (d) abadali bemfucuzwa abazinhlelo zabo zokwengamela imfucuzwa zigunyazwe ngeminye iminxaka kahulumeni ngokulandela imithetho efanele, njengokukhululekile ukuba kungayilandeli imfuneko yokwethula uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuzwa.

**ISAPHLUKO 9**  
**UKUVUSELELA, UKUSEBENZISA KABUSHA, UKUHLUNGA NOKUNCIPHISA**  
**IMFUCUZA**

**Ukuvuselela, ukusebenzisa kabusha, ukuhlela nokunciphisa imfucuza**

**40.**(1) Akukho muntu, ngaphandle uma benzela izinhloso zamakhaya abo –

- (a) ongavuselela, asebenzise kabusha noma abuyise imfucuza;
- (b) ongahlunga imfucuza; noma
- (c) ongaqhuba ibhizinisi lokuthenga izimpahla esezisebenzile (izikilebha),

ngale kwemvume ekhishwe wuMasipala.

(2) Uma efaka isicelo semvume kuMasipala, umfakisicelo kumele –

- (a) ethule umphumela wokuhlolwa komthelela kwimvelo noma nakuphi ukuhlola okufana nalokhu okudingekayo ngokwemithetho yesifundazwe noma kazwelonke, okukhombisa ukuthi lokhu kuguqulwa nokusetshenziswa kabusha noma ukuncishiswa kwemfucuza angeke kube nobungozi kwimvelo kunokulahlwa;
- (b) ethule uhlelo oludidiyelwe lokwengamela imfucuza; futhi
- (c) ahambisane nanoma yiziphi izimfuneko ezibekwe wuMasipala izikhathi ngezikhathi.

(3) Noma imuphi umuntu osingatha, othutha, ohlunga, onakekela noma olahla imfucuza ngenhloso yokuba iphinde isetshenziswe kumele anikeze uMasipala umbiko obhaliwe mayelana nebhizinisi lakhe ngendlela nangezikhawu okunganqunywa uMasipala.

(4) UMasipala ungakhulula abadali bemfucuza, abasingathi bemfucuza, abathuthi bayo kanye nezinkampani ezimfunekweni zalesi Sahluko ezimweni lapho isisindo noma inani lemfucuza edalekile kungaphansi kwenani elibekwe uMasipala izikhathi ngezikhathi.

(5) UMasipala, izikhathi ngezikhathi, unganquma izinhlobo zemfucuza okumele iguqulwe ukuze isebenziseke, izinhlobo zabadali bemfucuza okumele zibandakanyeke ezinhlotsheni ezithile zokuguqulwa kwemfucuza, kanye nezindlela, amaqophelo kanye neminye imithetho efanele yokuguqulwa kwemfucuza.

**ISAHLUKO 10**  
**IZINDAWO ZOKULAHLA IMFUCUZA**

**Imfucuza engavumelekile ezindaweni zokulahla zikaMasipala**

**41.(1)** Akukho muntu ongabeka, noma ongachitha, endaweni yokulahla imfucuza kaMasipala nanoma yiluphi uhlobo lwemfucuza kule elandelayo ngale kokuqala athole isigunyazo esibhaliwe kuMasipala:

- (a) nayiphi imfucuza enobungozi bomlilo ngenxa nje yokuthi inezinga lokushisa uma ivuthiswa elingaphezulu kuka-61°C;
- (b) nayiphi imfucuza equkethe okuwubuthi obuseQoqweni A noma iQoqo B elingadala umdlavuzwa njengoba kuchazwe yinhlangano yomhlaba yocwaningo ngesifo somdlavuzwa (i-International Agency for Research on Cancer);
- (c) nayiphi imfucuza equkethe okuwubuthi obuseQoqweni C noma iQoqo D elingadala umdlavuzwa njengoba kuchazwe yinhlangano yomhlaba yocwaningo ngesifo somdlavuzwa (i-International Agency for Research on Cancer) okunokujiya okungaphezu kwephesenti elilodwa;
- (d) nayiphi imfucuza equkethe okungadala isifo sokuguquka kwentwalalufuzo;
- (e) nayiphi imfucuza yezempilo, ngaphandle uma seyishisiwe kuma-800°C noma ngaphezulu okungenani umzuzwana owodwa;
- (f) nayiphi imfucuza equkethe isidakamizwa esinobuthi ngale ndlela yokuthi singabulala isigamu salokho okusophiwe (esingu-LD50) uma siphuzwa bukhoma, njengoba kuchaziwe ku-SABS 0228: 1995, esingaphansi noma esilingana namamiligremu ayizi-5000 ikhilo ngalinye;
- (g) nayiphi imfucuza equkethe isidakamizwa esinobuthi ngale ndlela yokuthi singabulala isigamu salokho okusophiwe (esingu-LD50) uma sijovwa esikhunjeni njengoba kuchaziwe ku-SABS 0228: 1995, esingaphansi noma esilingana namamiligremu ayizi-2000 ikhilo ngalinye;
- (h) nayiphi imfucuza equkethe uketshezi olunobuthi olujiyile (olungu-LC50) uma luhogelwa bukhoma, njengoba kuchaziwe ku-SABS 0228: 1995, olungaphansi noma olulingana namamiligremu ayishumi ilitha ngalinye;
- (i) nayiphi imfucuza enesikalo sobumuncu (pH) esingaphansi kwesiyisithupha noma esingaphezulu kwesiyi-12;
- (j) nayiphi imfucuza engena ngaphansi kweSigaba 1 (iziqhumane), iSigaba 2 (amagesi) noma iSigaba 7 (amandla okushisa alimaza izicubu zokuphilayo) njengoba kuchaziwe kwi-SABS 0228: 1995;

- (k) nayiphi imfucuzwa equkethe okuthile okusohleni oluku-SABS 0228: 1995;
- (l) nayiphi imfucuzwa okulukhuni ukuyihlaziya noma ukuyibeka ngokwesigaba;
- (m) opende kanye nodaka lwapende;
- (n) amakhemikhali aselabholethri;
- (o) nayiphi imfucuzwa engahle noma engahlasela indawo yokulahla imfucuzwa ngamakhemikhali;
- (p) nayiphi imfucuzwa ngokwehlukana, noma uma ixutshwe nenye imfucuzwa, engadala noma enokudala ubungozi empilweni noma engaba yisiphazamiso.

(2) Umdali wemfucuzwa kanye namuphi usonkontileka osusa imfucuzwa, ngokuhlanganyela, babophezeleke ukuba bakhokhe naziphi izindleko ezidalwe wuMasipala ekulungiseni umonakalo noma ekususeni isiphazamiso okudalwe ukuchithwa kwemfucuzwa endaweni yokulahla ngokuphula lo Mthetho KaMasipala, kanye nanoma yisiphi isamba sanoma yiziphi izindleko noma amacala ezomthetho okudalwe wuMasipala mayelana nanoma yisiphi isimangalo esidalwa yinoma yisiphi isiphazamiso.

#### **Ukuziphatha ezindaweni zokulahla zikaMasipala**

**42.**(1) Akukho muntu ongangena endaweni yokulahla imfucuzwa elawulwa wuMasipala nangayiphi inhloso uma nje kungekhona ukulahla imfucuzwa ngokulandela lo Mthetho KaMasipala, nangezikhathi kuphela kanye naphakathi kwamahora anganqunywa wuMasipala izikhathi ngezikhathi.

(2) Lowo nalowo muntu, ngenhloso yokulahla imfucuzwa, ongena endaweni yokulahla imfucuzwa elawulwa wuMasipala kumele –

- (a) angene endaweni yokulahla imfucuzwa kuphela entubeni yokungena egunyaziwe njengoba kubekwe wuMasipala;
- (b) aveze imfucuzwa ukuze ikalwe ngendlela edindekayo ngokucela kwesikhulu esi esigunyaziwe;
- (c) anikeze isikhulu esigunyaziwe yonke imininingwane edingekayo mayelana nokubumbeka kwemfucuzwa;
- (d) alandele yonke imiyalelo ayinikeziwe mayelana nokufinyelela endaweni okuyiyona yokulahla, indawo kanye nendlela okumele imfucuzwa ichithwe ngayo;
- (e) ahlinzeke isikhulu esigunyaziwe ulwazi olugcwele mayelana nomuntu omele ukukhokha imali yale mfucuzwa echithwayo ukuze avulelwe i-akhawunti; futhi

(f) ahlinzeke isikhulu esigunyaziwe inkokhelo engukheshi ngokwakhe noma egameni lanoma yimuphi umuntu okumele akhokhe imali yale mfucuza echithwayo, inqobo nje uma izihlinzeko zezindima (b), (c) nendima (e) ngenhla zingamfaki umuntu, okuthe ngokwesigaba 18(2) salo Mthetho KaMasipala, wangena endaweni yokulahla ngenhloso yokuzolahla imfucuza yasengadini.

(3) Akukho muntu ongaletsa uphuzo oludakayo (utshwala) noma nasiphi isidakamizwa endaweni yokulahla imfucuza elawulwa wuMasipala.

(4) Akukho muntu ongadala noma ongavumela imoto ayilawulayo ukuba ihlale endaweni yokulahla isikhathi esingaphezulu kwesinesidingo ekubeni kade ezolahla imfucuza.

(5) Uma nangasiphi isizathu imoto ingakwazi ukuphuma endaweni yokulahla izihambela ngokwayo, umuntu oyilawulayo kumele athathe izinyathelo ezisheshayo zokuvimbela nakuphi ukuphazamiseka kwendawo yokulahla okungadalwa yileyo moto nokuthi ayisuse endaweni yokulahla.

(6) Ekwehlulekeni ukuhambisana nesigatshana (5), isikhulu esigunyaziwe singathatha izinyathelo zokususa leyo moto endaweni yokulahla, noma senze ukuba lezo zinyathelo zithathwe, ngezindleko zomnikazi waleyo moto.

(7) Akekho phakathi kukaMasipala nomsebenzi kaMasipala onesibopho kumnikazi nganoma yikuphi ukulahlekelwa noma umonakalo ongalawulwa nguye ngenxa yanoma yisiphi isinyathelo esithathwe ngokulandela isigatshana (6).

(8) Akukho muntu ongaletsa noma ongalahla endaweni yokulahla imfucuza nanoma yiyiphi imfucuza ewuketshezi noma enze ukuba kulahlwe imfucuza ewuketshezi, ngaphandle kokuba aqale athole imvume ebhaliwe kuMasipala kanye nangokulandela imibandela angabekelwa yona.

### **Imfucuza elungele ukusetshenziswa**

**43.** Naphezu kwanoma yini equkethwe kulo Mthetho KaMasipala, akukho mali eyokhokhwa uma umuntu efisa ukulahla endaweni yokulahla elawulwa uMasipala nayiphi imfucuza egunyazwe uMasipala njengemfucuza elungele ingxenye emboze phezulu, ukukhonkwa komgwaqo noma ezinye izinhloso eziphathelene nendawo yokulahla imfucuza.

**ISAPHLUKO 11**  
**OSONKONTILEKA ABASUSA IMFUCUZA ABAZIMELE**

**Osonkontileka abasusa imfucuza abazimele**

44.(1) Imfucuza ingaqoqwa futhi isuswe kuphela esakhiweni wusonkontileka osusa imfucuza –

- (a) onikezwe imvume yemisebenzi ehleliwe ngokulandela iMithetho kaMasipala Yemisebenzi KaMasipala Ehleliwe; futhi
- (b) ogunyaziwe ngokubhaliwe yiNhlolo Yomnyango.

(2) Isicelo sokugunyazwa njengosonkontileka osusa imfucuza kumele senziwe kwiNhlolo Yomnyango ngendlela enqunye nguye izikhathi ngezikhathi.

(3) Igunya okukhulunywa ngalo esigatshaneni (1) linganikezwa noma lenqatshelwe ngokubona kukMasipala futhi lingabekelwa imibandela, kungaba emayelana nesikhathi elizosithatha lisebenza, uhlobo lwemfucuza engaqoqwa isuswe, noma eminye, engabekwa uMasipala.

(4) Akukho muntu ongazithatha, noma ongenza sengathi ungonkontileka osusa imfucuza uma –

- (a) engakagunyazwa ukuba enze kanjalo ngokwesigatshana (1); noma
- (b) isigunyazo sakhe sesiphelele yisikhathi noma sesihoxisiwe.

(5) Akukho sonkontileka osusa imfucuza ongaphula namuphi umbandela abekelwe wona ngokwesigatshana (3).

(6) Akukho muntu ongaqasha usonkontileka osusa imfucuza ongagunyaziwe ngokubhaliwe wuMasipala ngokulandela isigatshana (1).

(7) Namuphi umdali wemfucuza ohlose ukuqoka usonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe kumele azise uMasipala ngencwadi ngaleyo nhloso, ngokunjalo futhi kumele azise uMasipala uma lesi sivumelwano sesinqanyulwa.

(8) Uma umdali wemfucuza esenikeze isaziso ngokulandela isigatshana (7), emva kwalokho unesibopho sokuqinisekisa ukuthi leyo mfucuza, ngaphandle kweyasekhaya, iyaqoqwa futhi

iyasuswa ngokulandela izihlinzeko zalo Mthetho KaMasipala esikhathini esifanele emva kokudaleka kwaleyo mfucuza.

(9) UMasipala, uma imfucuza ingaqoqiwe futhi ingasusiwe ngokweneliseka kwakhe kunanoma yisiphi isakhiwo wusonkontileka osusa imfucuza ogunyaziwe, ngesaziso esibhaliwe esibhekiswe kumdali wemfucuza, angamyalela ukuba amise ukusebenza kwalowo sonkontileka othintekayo bese esebenzisa imisebenzi ehlinzekwa wuMasipala yokuqoqwa nokususwa kwemfucuza kusukela ngosuku olubekiwe kuleso saziso.

(10) Usonkontileka osusa imfucuza angeyisuse imfucuza kunanoma yisiphi isakhiwo ngaphandle uma enikezwa ubufakazi bokuthi umdali wemfucuza usemazisile uMasipala ngokubhaliwe ukuthi lowo mdali wemfucuza usengene kwisivumelwano nosonkontileka osusa imfucuza sokususwa kwaleyo mfucuza nokuthi uMasipala akumele uhlinzeke lo msebenzi wokususa imfucuza kuleso sakhiwo.

(11) Uma uMasipala ekholelwa ekutheni kunezizathu zokumisa noma zokuhoxisa imvume enikezwe usonkontileka osusa imfucuza, le nqubo elandelayo kumele ilandelwe:

(a) UMasipala kumele anikeze usonkontileka osusa imfucuza isaziso esibhaliwe okungenani sezinsuku ezingama-21 esihanjiswe ngesandla (mathupha) noma esithunyelwe ngencwadi ebhalisiwe ngezinhloso zikaMasipala zokumisa noma zokuhoxisa isigunyazo;

(b) Isaziso okukhulunywa ngaso endimeni (a) kumele sibe:

(i) nesitatimende esichaza ngohlobo lwesinyathelo esihlongozwayo;

(ii) nezizathu zaleso sinyathelo esihlongozwayo;

(iii) nesimemo sokuba kwenziwe izethulo ezibhaliwe ngalolu daba;

(v) nekheli lapho lezo zethulo kumele zithunyelwe khona; kanye

(v) nosuku, isikhathi nendawo lapho kuzolalelwa khona izethulo, esingeke sibe yisikhathi esingaphansi kwezinsuku eziyi-15 kusukela ngosuku lokukhishwa kwesaziso, ukuba kucutshungulwe ukumiswa noma ukuhoxiswa kwesigunyazo, kanye nencazelo yokuthi usonkontileka osusa imfucuza angaletha izethulo futhi avele phambi kwesigcawu sokulalelwa kwezethulo.

(c) Usonkontileka osusa imfucuza kumele anikezwe ithuba lokuthi, ngokwakhe noma ngokusebenzisa ommele ogunyazwe nguye ngokufanele, avele phambi kwesigcawu bese enza izethulo ngaphambi kweNhloko Yomnyango;



(d) Uma usonkontileka osusa imfucuza efisa ukuvela phambi kwesigcawu futhi efisa ukuphikisana nesinyathelo esihlongozwayo, kumele, zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa ethole isaziso noma singakapheli isikhathi eseluliwe uMasipala ongasivumela, ahambise izethulo ezibhaliwe, ngesandla noma ngencwadi ebhalisiwe ekhelini elibekiwe esazisweni; futhi

(e) Emva kwesigcawu sokulalela izethulo, iNhloko Yomnyango kumele ikhiphe isinqumo mayelana nokuthi iyasimisa noma iyasihoxisa yini, noma cha, isigunyazo futhi kumele inikeze usonkontileka osusa imfucuza izizathu zayo mayelana naleso sinqumo ngokubhaliwe zingakapheli izinsuku eziyi-14 emva kosuku lokuphuthulwa kwesigcawu sokulalela izethulo.

## **ISAHLUKO 12 UKUQINISWA KOMTHETHO**

### **Ukunqwabelana kwemfucuza**

**45.(1)** Uma imfucuza inqwabelana esakhiweni ngendlela yokuthi idala isiphazamiso, noma ngendlela yokuthi kungahle kudaleke isiphazamiso, uMasipala ngezindleko zomhlali ungasusa leyo mfucuza noma wenze ukuba isuswe.

(2) Lapho uMasipala esusa leyo mfucuza, umdali wemfucuza uyobophezeleka ukukhokha imali yomsebenzi wokuqoqa nokususa imfucuza.

### **Imfucuza edinga ukunakekelwa okukhethekile**

**46.(1)** UMasipala angathumela isaziso esibhaliwe kumhlali wanoma yisiphi isakhiwo, noma esimweni lapho umhlaba ungenamhlali, kumnikazi wesakhiwo, acele ukuba kuthathwe izinyathelo ezikhethekile zokuqoqa, ukugcina okwesikhashana, ukulahla noma ukunakekela nanoma yiyiphi imfucuza esesakhiweni esithintekayo, singakapheli isikhathi esingabekwa, uma uMasipala enombono wokuthi lezo zinyathelo ziyadingeka ukuze kugwenywe noma kususwe okunobungozi kwezempilo noma okuyisiphazamiso.

(2) Ukwehluleka ukulandela isaziso esikhishwe ngokwesigatshana (1), uMasipala, phezu kwanoma yiziphi izinhlawulo ezibekelwe umdali wemfucuza, angahlela ukuba lezo zinyathelo zithathwe ngezindleko zomuntu okhishelwe isaziso.

**Ukufinyelela esakhiweni**

**47.(1)** Umsebenzi ogunyaziwe unelungelo lokungena kunoma isiphi isakhiwo lapho imfucuzwa idaleka khona –

- (a) ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi uyalandelwa lo Mthetho kaMasipala; futhi
- (b) ukuze bahambise isaziso esidingekayo ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(2) Umsebenzi ogunyaziwe unelungelo lokuthatha amasampula emfucuzwa kanye nokuhlola noma iyiphi imfucuzwa etholakale kuleso sakhiwo ukuze kutholakale ukuthi ibumbeke kanjani.

**Ukuthuthwa kwemfucuzwa**

**48.(1)** Noma imuphi umuntu osusa noma othutha imfucuzwa noma okunye okwenengayo kumele asuse leyo mfucuzwa noma lesi siphazamiso –

- (a) kuphela ngokusebenzisa imoto eyakhiwe futhi evalwe ngokulungele lo msebenzi; kanye
- (b) nangendlela ezovimbela imfucuzwa ukuba ingawo ngephutha emotweni noma ukuba idale nanoma yisiphi esinye isiphazamiso.

(2) Akukho muntu, ngale kokuthola kuqala imvume ebhaliwe uMasipala, ongathutha imfucuzwa ukusuka kunanoma yisiphi isakhiwo ukugudla umgwaqo noma indawo yomphakathi ukuze afinyelele endaweni yokugcina imfucuzwa eyakhiwe kwenye ingxenye yesakhiwo esifanayo.

(3) UMasipala angathumela isaziso esibhaliwe kunanoma yimuphi umuntu othutha imfucuzwa noma okuthile okunengayo emgwaqeni noma endaweni yomphakathi esibeka imibandela ngendlela okungathuthwa ngayo imfucuzwa, noma izikhathi okungathuthwa ngazo imfucuzwa uma ibona ukuthi ukuthuthwa kwaleyo mfucuzwa akuthandeki futhi kudala isiphazamiso.

**ISAPHLUKO 13****AMACALA NEZINHLAWULO****Ukulahla ngokungemthetho: okungxubevange**

**49.(1)** Akukho muntu ongalahla ngokungemthetho imfucuzwa ngendlela engavumelekile ngokwalo Mthetho kaMasipala, futhi akukho muntu ongavumela umuntu ongaphansi kolawulo lwakhe ukuba enze njalo.

(2) Namuphi umuntu otholakala enecala lokulahla ngokungemthetho uyohlawuliswa noma agqunywe ejele njengoba kubekiwe kulo Mthetho kaMasipala.

(3) UMasipala ungathatha izinyathelo ezidingekayo ukuze ususe futhi ulahle imfucuzela elahlwe ngokungemthetho bese kuthi umuntu olahle ngokungemthetho leyo mfucuzela kuyomele, phezu kwezinhlawulo azitholile ngokwalo Mthetho KaMasipala, akhokhe izindleko zikaMasipala zokususa nokulahla leyo mfucuzela.

### **Ukulahla ngokungemthetho emhlabeni ozimele**

**50.**(1) Umnikazi womhlaba ozimele okufinyelela kuwo umphakathi kumele aqinisekise ukuthi kuneziqokathi ezenele ezihlinzekiwe ukuze zifake imfucuzela elahlwa wumphakathi.

(2) Uma isigatshana (1) sephulwa, uMasipala angayalela, ngesaziso esibhaliwe ezibhekiswe kumnikazi, ukuba –

- (a) ayeke ukwephula umthetho, ngesikhathi esithile;
- (b) agweme okunye ukwephulwa komthetho noma ukuqhubeka nokwephula umthetho;
- (c) athathe naziphi izinyathelo uMasipala azibona zinesidingo ukukhuculula noma ukususa imfucuzela, kanye nokuvuselela leyo ndawo, ukuze kuqinisekise ukuthi leyo mfucuzela kanye nanoma yikuphi okungcolisekile okungeke kwahlanzeka noma kuvuseleleke kulahlwe ngokusemthethweni.

(3) UMasipala, mayelana nesaziso okukhulunywa ngaso esigatshaneni (2)(c), angasho ukuthi umnikazi kumele, esikhathini esingeqile ezinsukwini ezinhlanu, asuse leyo mfucuzela, ngaphandle uma uMasipala emnikeza ezinye izinsuku ezimbili, ngokucela kwakhe umnikazi, ukuba asuse leyo mfucuzela noma okulahliwe.

(4) Umuntu ongumnikazi womhlaba noma isakhiwo, noma olawula noma onelungelo lokusebenzisa umhlaba noma isakhiwo, angesisebenzise noma avumele ukuba kusetshenziselwe lowo mhlaba noma lesa sakhiwo ukulahla ngokungemthetho imfucuzela futhi kumele athathe izinyathelo ezifaneleyo ukuvimbela ukusetshenziselwa komhlaba noma kwesakhiwo inhloso enjalo.

(5) UMasipala ungathatha izinyathelo ezidingekayo ukususa nokulahla imfucuzo elahlwe ngokungemthetho ngokwephula isigatshana (4) bese kuthi umuntu okunguye olahle ngokungemthetho leyo mfucuzo kuyomele, phezu kwanoma yiziphi izinhlawulo ezibekiwe ngokulandela lo Mthetho KaMasipala, abe nesibopho sokuthwala izindleko zokususwa nokulahlwa kwaleyo mfucuzo.

**Ukulahla ngokungemthetho: inhlabamkhosi**

**51.**(1) UMasipala ungasungula izindlela zokwelekelela amalungu omphakathi ukuba abike izimo zokulahlwa ngokungemthetho kwemfucuzo okungukwephulwa lo Mthetho KaMasipala.

(2) Nayiphi indlela yokuhlaba umkhosi esungulwe ngokwesigatshana (1), ngokubona kukaMasipala, ingahlinzekela ukuba kubikwe ukulaxazwa kwemfucuzo ngale kokuzidalula noma ngenye indlela.

**Ukulahla ngokungemthetho: ukudalula nokuhlaza**

**52.**(1) UMasipala ungashicilela igama lanoma yimuphi umuntu ogwetshelwe ukulahla ngokungemthetho ngokwephula lo Mthetho KaMasipala, kanye neminingwane yecalalalowo muntu.

(2) Amagama neminingwane yokulahlwa ngokungemthetho kwemfucuzo ngokwephula lo Mthetho KaMasipala, njengoba kubekiwe esigatshaneni (1) kungashicilelwa -

- (a) kwingosi kaMasipala;
- (b) kungaphanyekwa le mininingwane emabhodini ezaziso kaMasipala;
- (c) kwabezindaba; kanye noma
- (d) ingayiphi enye indlela ebonakala ifanele kuMasipala.

**Amacala**

**53.** Umuntu uyotholakala enecala ngaphansi kwalo Mthetho KaMasipala uma –

- (a) evimbela ngokungemthetho umsebenzi ogunyaziwe ukuba angene esakhiweni sakhe noma owenza noma ovumela namuphi omunye umuntu ukuba avimbele ukuba angene;
- (b) evimbela noma ethikameza umsebenzi ogunyaziwe ekwenzeni imisebenzi yakhe noma owenza noma ovumela namuphi omunye umuntu ukuba avimbele noma athikameze umsebenzi;

- (c) enqaba noma ehluleka ukuhlinzeka umsebenzi ogunyaziwe ulwazi oludingekayo ukuze luvumele lowo msebenzi ogunyaziwe ukuba enze umsebenzi ngokulandela lo Mthetho KaMasipala;
- (d) enikeza ngamabomu ulwazi olwedukisayo noma olungamanga kumsebenzi ogunyaziwe;
- (e) ezenza umsebenzi ogunyaziwe;
- (f) ephula noma ehluleka ukulandela naluphi uhlinzeko lwalo Mthetho KaMasipala;
- (g) elahla ngokungemthetho imfucuzo;
- (h) ephula naluphi uhlinzeko noma umbandela mayelana nemvume noma nesigunyazo anikezwe khona; noma
- (i) ephula noma ehluleka ukulandela namuphi umyalelo noma isaziso esikhishwe ngokusemthethweni ngaphansi kwalo Mthetho KaMasipala.

### **Izinhlawulo**

**54.**(1) Namuphi umuntu ogwetshelwe icala ngaphansi kwalo Mthetho KaMasipala uyobophezeleka ukuba akhokhe inhlawulo engeqile ku-R100 000 noma abhadle ejele isikhathi esingeqile kwesiyiminyaka emihlanu noma kokubili – inhlawulo nokubhadla ejele.

(2) Esimweni lapho kuqhutshekwa kwenziwa icala, kuyobekwa inhlawulo eyengeziwe eyisamba esingeqile kuma-R500 noma ukubhadla ejele isikhathi esingeqile ezinsukwini eziyishumi (10), ngalolo nalolo suku okuqhubeka ngalo ukwenziwa kwalelo cala noma kokubili inhlawulo nokubhadla ejele.

## **ISAHLUKO 14**

### **IZIHLINZEKO EZIYINGXUBEVANGE**

#### **Ubunikazi bemfucuzo**

**55.** Yonke imfucuzo esuswe wuMasipala kanye nayo yonke imfucuzo elahlwe ezindaweni zokulahla imfucuzo ezilawulwa wuMasipala iyimpahla kaMasipala.

#### **Ukudluliselwa kwamandla**

**56.**(1) Kweyame kuMthethosisekelo nemithetho efanele kazwelonke neyesifundazwe –

(a) namaphi amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunywa ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;

(b) namuphi umsebenzi; noma

(c) nasiphi isibopho,

ngokwalo Mthetho KaMasipala, okunikezwe uMasipala noma naziphi ezinye izinhlaka zikaMasipala zezombusazwe, abaphathizikhundla bezombusazwe, ikhansela, umsebenzi, kungaphinde kudluliselwe yilolo hlaka lwezombusazwe, yilowo mphathisikhundla wezombusazwe, yilelo khansela, noma yilowo msebenzi esikhungweni sangaphakathi, noma kumsebenzi oqashwe wuMasipala.

(3) Nakuphi ukudluliselwa kwamandla okuhlongozwa kulesi sigaba kumele kuqoshwe ohleni lwamandla adluliseliwe, okumele luqukathe ulwazi mayelana –

(a) naleso sikhungo noma lowo muntu odlulisela amandla noma odlulisa amandla adlulisiwe;

(b) nowemukela lawo mandla adlulisiwe noma odluliselwe amandla adlulisiwe; kanye

(c) nemibandela ehambisana nalawo mandla adluliselwe.

### **Ukudluliswa kwezinqumo**

**57.(1)** Umuntu omalungelo akhe achashazelwe yisinqumo somsebenzi ogunyaziwe ngokulandela lo Mthetho KaMasipala angafaka isicelo sokuphikisana naleso sinqumo ngokulandela uhlinzeko lokudlulisa isinqumo oluqukethwe eMthethweni Wezinhlelo Zomasipala: uMthetho Wohulumeni Basekhaya ka-2000 (uMthetho No. 32 ka-2000) ngesaziso esibhaliwe sokudlulisa isinqumo kanye nezizathu kwiMenenja kaMasipala zingakapheli izinsuku ezingama-21 kusukela ngosuku lwesaziso ngesinqumo.

(2) IMenenja kaMasipala kumele ngokushesha yethule lesi sicelo sokuphikisana nesinqumo kwisiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo esifanele.

(3) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele siqalise uhlelo lokudlulisa isinqumo engakapheli amasonto ayisithupha futhi sinqume ngaleso sicelo esikhathini esifanele.

(4) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele sivumelane, siguqule noma sichithe isinqumo, kodwa akukho guquko noma kuchithwa kwesinqumo okungahoxisa namaphi amalungelo angabe atholakele ngenxa yaleso sinqumo.

(5) Isiphathimandla sokudluliswa kwezinqumo kumele sinikeze izizathu ezibhaliweyo ngesinqumo saso kuzo zonke izindaba ezithinta ukudluliswa kwezinqumo.

(6) Zonke izicelo zokudluliswa kwezinqumo zenziwa ngokulandela uMthetho Wezinhlalo Zomasipala: uMthetho Wohulumeni Basekhaya, ka-2000 (uMthetho No. 32 ka-2000) hhayi ngokulandela lo Mthetho KaMasipala.

### **Imithetho echithwayo neshiywayo**

**58.**(1) Imithetho ebekiwe ohlwini lokuqala nolwesibili lukaSheduli 1 walo Mthetho kaMasipala ngalokhu iyachithwa ngale ndlela echaziwe ohlwini lwesithathu kule Sheduli okukhulunywe ngayo.

(2) Zonke izaziso ezishicilelwe ngaphansi koMthetho kaMasipala Wokususwa Kwemfucuza, Isaziso sikaMasipala esingonombolo 47 sika-2002 zizohlala zisebenza ngokugcwele kube sengathi lo Mthetho kaMasipala esikhuluma ngawo awuzange uchithwe njengoba kubekiwe esigatshaneni (1).

(3) Wonke amalungelo atholakele noma izibopho ezenziwe njengoba kubekiwe kule mithetho okukhulunywa ngayo esigatshaneni (2) kuyohlala kusebenza ngokugcwele kube sengathi leyo mithetho ayizange ichithwe.

### **Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza komthetho**

**59.** Lo Mthetho KaMasipala ubizwa ngoMthetho KaMasipala Wokususwa Kwemfucuza ka-2016 kanti uqala ukusebenza emva kwezinyanga eziyisithupha ushicilelwe *kwiGazethi Yesifundazwe* noma ngalolo suku elungaphambili olunganqunywa ngokuba kushicilelwe isaziso sosuku lokuqala ukusebenza esiyofakwa *kwiGazethi Yesifundazwe*.

**ISHEDULI 1:**  
**IMITHETHO ECHITWHAYO**  
**(Isigaba 58)**

**UMTHETHO KAMASIPALA OKWAKUNGOKAMASIPALA OMDALA WETHEKU**

<b>Inombolo nonyaka komthetho</b>	<b>Isihloko</b>	<b>Ingxenye echithwayo</b>
Isaziso SikaMasipala No. 40 sika-1985	Izimali ezikhokhwayo mayelana neMithetho Yokususwa Kwemfucuzwa kuMasipala weTheku	Wonke
Isaziso SikaMasipala No. 47 sika-2002	Imithetho Yokususwa Kwemfucuzwa, uMasipala weTheku	Yonke









Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001.  
Contact Centre Tel: 012-748 6200. eMail: [info.egazette@gpw.gov.za](mailto:info.egazette@gpw.gov.za)  
Publications: Tel: (012) 748 6053, 748 6061, 748 6065